# *Ukhalelani? Khuluma!*

INkosi inibusise! Asibe sisalokhu simile nje umzuzwana, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Ngabe sikhona isicelo esikhethekile na? Uma ningaba naso, masaziswe lapho niphakamisela izandla zenu kuNkulunkulu futhi nithi, ngalokho, "Nkosi, Uyasazi isidingo sami."

2 Baba waseZulwini, impela singabantu a—abanenhlanhla kulokhu ukusa, ukuba sibuthelwe endlini kaNkulunkulu, lapho sazi ukuthi kunabaningi kakhulu abazofuna ukuba sendlini kaNkulunkulu kulokhu ukusa, nosezibhedlela nabasemibhedeni yokugula. Futhi Wena usiphe lenhlanhla ukuba siphumele lapha namhlanje. Futhi asizi neze, Nkosi, ukuba sibonwe ngomunye nomunye, nakuba siyithanda inhlanganyelo yethu yomunye nomunye; kodwa besingakwenza lokho emakhaya ethu. Kodwa size lapha ukuzohlanganyela naLowo Osiqoqele ndawonye njengabantwana abathandekayo nabazalwane.

3 SiyaKubonga manje. Nendlela kuphela esiyazi ngokuyikho ukuhlanganyela naWe ingaseZwini laKho. IZwi laKho liyiQiniso. Sibuthana lapha ngamandla okomoya. Siyawadinga, Nkosi. Sifanele sibe namandla ukuqinisa iziphambano esizithwalayo. Futhi sikhulekela ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele omkhulu namhlanje, futhi uzosiqinisa sonke. Yipha izicelo zabantu baKho njengoba bebuthene futhi bephakamisele izandla zabo kuWe, ukuthi banesidingo sezinto ezinjalo. Phendula ngasinye, Nkosi.

4 SiyaKubonga ngokusindisa impilo kaDadewethu Ungren izolo ebusuku, engozini emgwaqeni enhla lapha. Ube nomusa kubo, Nkosi, futhi siyaKubonga ngalokho. Futhi manje siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzoqhubeka ukuba ube nathi futhi usisize njengoba sihamba siqhubeka, sonke. Siphe amandla aKho abophela ngaphansi noku—kukholwa kokwazi ukuthi uBukhona baKho obungehluleki neze buzoba nathi. Ngalelohora lapho singenakuzisiza, siyazi "iziNgelosi zikaNkulunkulu zimise ndawo zonke kubo abaMesabayo, futhi Zizosithwala funa noma nin siqhuzuke ngonyawo lwethu etsheni." Futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzosipha okwezibusiso zaKho zeZwi, futhi ukhulume ngathi, nakithi, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

5 Ngingothokozayo ukuthi ukukhanya kwelanga kwangaphandle, ilanga lemisebe, liyakhanya. Bekukubi kabi kulokhu ukusa. Futhi ngicabanga ukuthi, kulelizwe, ikakhulukazi, sinesikhulu kakhulu esihwaqabele, isimo sezulu esikhathazile. Futhi ukubona ilanga likhanya, liphuma, kuhle kakhulu.

6 Umndeni omncane uphind'uhlangana namhlanje, ngihlangana nabafowethu, futhi basenhla endlini kadadewethu, nabanye esihlobene nabo ukuzungeza idolobha nangakhona. Kunesigejane esikhulu soBranham. Uma bonke bebengahlangana bevela eKentucky, phakathi lapha, ngiqagele besingadingeka siqashe idolobha; kunabaningi kakhulu babo. Kodwa nje ukuza ekhaya okuncane. Sasivame ukuba sonke sihlangane endlini kamama, futhi wayeyisigxobo esidala sokubophela esasisihlanganisa ndawonye, kohlobo. Kodwa uNkulunkulu uthathe isigxobo sokubophela wasiyisa eZulwini, futhi ngithemba ukuthi sonke siyohlangana lapho suku lumbe.

7 Futhi manje ngakhuluma ngoluny'usuku, ngathi, "Niyazi, ngikholwa ukuthi ngizo—ngizofishanisa imilayezo yami yangeSonto ibe cishe yimizuzu engamashumi amabili, futhi—futhi, noma amashumi amathathu, bese kuthi-ke ngikhulekele abagulayo." Futhi ngicabange ngalokho kulokhu ukusa.

8 Futhi ngicabange izolo ebusuku, ngenkathi uDadewethu Downing engibiza wayesesho ukuthi, wabiza uBilly wayesethi yena noDadewethu Ungren benyuka ngomgwaqo, bashelele ngaphesheya komgwaqo futhi baba nokusakazeka. Futhi ngenkathi uBilly esesefasteleni, ngakhona, angazi ukuthi bekusikhathi sini; mhlawumbe kulokhu ukusa, ngesinye isikhathi. Bengikade ngilele kancanyanyana impela. Ngibheke ezansi kwaMfowethu Wood, amalambu belicishile. Ngase nje ngiguqa ukuba ngikhuleke, futhi ngenkathi ngenza, Into ethize yathi nje kimi, "Konke kulungile." Ngakho ngakho-ke ngatshela uBilly, "Mtshele, 'Yonk'into,' ngacabanga, 'izolunga.'" Ngijabula kakhulu ukubabona kulokhu ukusa, futhi ngihlezi endlini yeNkosi, emuva lapha kamuva emgwaqeni.

9 Abantu abakuthanda kangako, ukuba beze bevela emakhulwini amamayela ukuzozwa iVangeli, ngase-ke ngicabanga, "Umlayezo oyimizuzu engamashumi amabili, futhi ngingonensayo njengoba nginjalo, ingeke isize ngalutho." Ngakho ngacabanga ukuthi ngizovele nje . . . kade kangako.

10 Ngakho ngakho-ke, ngizwa uMfowethu Ungren, indodana yakhe owesifazane, kulokhu ukusa, icula, "UMkhulu Kangaka." Une . . . Usho lukhulu kuye kulokhu ukusa kunoma kwenze izolo ntambama, ngoba uNkulunkulu omkhulu waseZulwini usindise owakhe oligugu, umama othandekayo nodade.

11 Manje, namhlanje, sibheke isikhathi esikhulu eNkosini. Futhi benginezindikimba ezimbili noma ezintathu ezehlukene lapha ebengizibuka, futhi angizange, angikwazanga nje ukufanisa ukuthi yiyiphi ebengizokhuluma ngayo kulokhu ukusa. Enye yazo ibithi, "Niphonse izinkathazo zenu phezu kwaKhe, ngokuba Uyanikhathalela. Manje, uma Ekhathalela, ningengani nina na?"

12 Ngakho manje-ke enye, uBilly Paul, noma hhayi uBilly Paul . . . Enye indodana yami, uJoseph, wangilethela lendikimba kudala. Wayehlezi ekamelweni ngoluny'usuku, wayesethi, ebuka phezulu ngasesithombeni, noBilly . . . Noma, uJoseph uzithanda kakhulu izikebhe, njengabafanyana; izikebhe namahhashi, niyazi. Wayesethi kimi, "Babayi, uJesu unaso isikebhe na?"

Ngase ngithi, "Angazi."

13 Ngakho manje-ke emva kokuba esevukile futhi waphuma, kwenzeka ngacabanga, "Unaso isikebhe na?" Ngase ngithatha indikimba kulokho, ngase nje ngiyimaka phansi lapha ebhukwini lami. "UJesu unaso isikebhe na?" Kwase kwenzeka ukuba ngicabange. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wadingeka aboleke isizalo ukuba azalelwe kuso, ithuna ukuba ambelwe kulo, isikebhe ukuba ashumayele ekuso, kodwa UnguMshayeli womkhumbi omdala waseZiyoni. Impela, Unaso. Kodwa, nalezo zindikimba ebengizicabanga, ngicabanga ukuthi mhlawumbe ngingazithola kamuva, singakahambi ukuba sibuyele emuva.

14 Niyazi, ngiyathanda ukukhuluma ngisetabernakele lapha, ngoba yibandla lethu qobo. Sizizwa sikhululekile ukuba sisho noma yini uMoya oNgcwele oyishoyo. Kwezinye izindawo, ngisho nakuba umuntu efuna ukukwenza wemukeleke, uzwa uthe ukuba namajaqamba kancane ngenxa yokuthi—yokuthi usebandleni lomuny'umuntu, futhi ufuna ukuba ngumnumzane ohloniphekile ngokwenele ukuhlonipha imicabango yabo—yabo nemfundiso yabo.

15 Ngibe nesikhathi esimnandi ngaleliviki ezansi endaweni yakwaMfowethu Burcham lapho. Ngase ngiyongena embonini lapho ababenza khona ushizi. Ngibona yena nomkakhe, nendodana nabo, bakhona kulokhu ukusa. Futhi ngangicabanga njalo ukuthi imboni kashizi iyoba yinto ethize njengezinye izindawo engike ngaba kuzo, o, ukuthi ukuba yimbaxambaxa nokungcola. He, ngingasho into eyodwa, ungaphumula uqiniseke leyondawo ayingcolile. Leyo bekuyindawo ehlanzeke kunazo zonke engake ngangena kuzo, futhi ikakhulukazi embonini. Futhi angiqondanga; ngacabanga, o, mhlawumbe bazokwenza amaphawondi ayikhulu kashizi ngosuku. Futhi benza amathani ayisiphutha usuku nosuku, nezintathu zezimboni zisebenzaa. Ngacabanga, "O, he, ubani odla bonke laboshizi?"

16 Kodwa iNkosi iyibusisile lendoda. Ngibe nenhlanhla yokuba sekhaya layo, ikhaya elithandeka kakhulu, inkosikazi ezehlukanisele kahle. Futhi akukho sizathu sokuthi kungani bengemphilele uKristu usuku nosuku, njengoba benza. Ngahlangana namadodana akhe, futhi angabantwana abakahle kakhulu. Sinokuthokoza kakhulu ngalenhlanganyelo esinayo omunye nomunye.

17 Ngathola ukuthi umelusi wabo wangaphambilini wayeyi—yindoda engiyaziyo, uMfowethu Gurley, indoda ekahle kakhulu yokholo lweUnited Pentecostal, engahlangana nayo eminyakeni edlule, eJonesboro, eArakansas. Futhi ngangingazi ukuthi babe . . . lowo kwakungumelusi wakhe, nokho.

18 Manje nikhumbule izinkonzo kulokhu ukuhlwa. Bese kuthi-ke, iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo futhi sithemba ukukhuluma. Bese kuthi-ke ngicabanga ukuthi ngeSonto elilandelayo ke ngizodingeka ngiye eChicago. Ngiyobe-ke sengihambile isikhashana, ngizodingeka ngibuyisele umndeni ekhaya, emuva, noma ngibuyele eArizona ukuze kuthi bona, abantwana, bezokwazi ukungeniswa esikoleni futhi. Bese kuthi-ke siyeke ukukhathaza umelusi, ethatha izinkonzo zakhe.

19 Ngakho, ngakho sinokuthokoza kakhulu kuMfowethu Neville ngokuphana ezivakashini, niyazi, ngo—ngokungimema. Futhi unjalo, qhabo . . . Ngithanda, mfowethu, indoda enjalo, lapho okungekho nkohliso khona, akukho ukuzidla, ngubuKristu bangokoqobo nje. Ngiyakuthanda lokho.

20 Manje sizofunda omunye womBhalo bese-ke ngedlulisa iziphawulo. Futhi angazi nje ukuthi sikhathi sini esizophuma ngaso, kulemiLayezo emide, kodwa ngicabanga ukuthi . . . Ngangikhuluma ngoluny'usuku ngokukhuluma isikhathi eside kangaka, nomunye wathi, "Awu, manje, uma u—uma nje ukhulume imizuzu embalwa; futhi ukhuluma ngohlobo lokuthi ukuba sezimfihlakalweni, empeleni," wathi, "si—besingasoze sakwazi ukukuqonda." Wathi, "Qhubeka nje ukhuluma, futhi emva kwesikhashana kuyaphuma," washo. Ngakho mhlawumbe iNkosi ifuna sikwenze ngaleyondlela.

Asikhothame nje futhi.

21 Nkosi, iZwi laKho libekwe livulekile phezu kwepulpiti, futhi ngiqonda ukuthi suku lumbe Liyovalwa kube ngukugcina kwaLo, khona-ke iZwi liyoba yinyama. Futhi manje-ke si—sinokuthokoza ngalesisikhathi kulokhu ukusa. Futhi vula kithi, ngoMoya waKho oNgcwele, izingqikithi zaleliZwi esizolifunda. Kwangathi uMoya oNgcwele ungasifundisa namhlanje izinto esifanele sizazi. Futhi kwangathi thina-ke, ngokuphendula, silalele ngokusondele kuwo onke amaZwi, siLikale ngokujulile. Futhi manje-ke kwangathi labo abalalele ngendlela yeteyipu, kwangathi bangalalelisisa. Futhi kwangathi singakwazi ukubamba lokho uMoya oNgcwele ozama ukusembulela khona. Ngokuba siyaqonda, uma Engahle asigcobe, khona-ke ugcobo alukho-ze. Lungokwenhloso, ukuze lusebenze lube ngokuhle, eNkosini. Futhi kwangathi izinhliziyo zethu nokuqonda kungavuleka, Nkosi.

22 Kwangathi singaba nenkululeko yokukhuluma, nenkululeko yokuzwa, nokuba nokungena ekukholweni, ukuba sikholwe esikuzwile, njengoba kuvela eZwini likaNkulunkulu; ukuze

kubalelwe kithi, ukuPhila okuPhakade, ngoSuku olukhulu oluzayo. Sibusise namhlanje. Sisole uma sisephutheni. Masazi amaphutha esinawo. Futhi sibusise ngendlela elungileyo, ukuze sazi ukuthi siye ngaphi, nokuthi senze kanjani kulelizwe lamanje; ukuze silethe ukuhlonipheka, ekuhlaleni kwethu lapha, kuJesu Kristu, Owafa ukuba asiphe ukuPhila kokukhulu emva kwalokhu. Sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

23 Manje ngifuna ukufunda nje ezindaweni ezimbili zemiBhalo, kulokhu ukusa. Nomunye wayo utholakala nje ngale eNcwadini kaEksodusi. Ngokukhuluma ngokusobala, yomibili iphuma eNcwadini kaEksodusi. Owodwa, isahluko 13, nevesi 21 nelama 22. Nolandelayo yisahluko 14, ele 10, amavesi 11 nele 12. Manje ngizofunda kusukela kuEksodusi 13:21

> *INkosi yahamba phambi kwabo emini ngensika yefu, eyobahola endleleni; nasebusuku . . . nsika yomlilo, eyobakhanyisela; ukuba bahambe imini nobusuku:*
>
> *Kayisusanga insika yefu emini, nensika yomlilo ebusuku, phambi kwabantu.*

24 Manje kuEksodusi 14, nevesi 10.

> *UFaro esesondela, abantwana bakwaIsrayeli baphakamisa amehlo abo, futhi, bheka, abaseGibhithe babebalandela; base besaba kakhulu: abantwana bakwaIsrayeli bakhala kuyo iNkosi.*
>
> *Bathi ke . . . Mose, Kungokuba kwa . . .* (ngiyaxolisa)
>
> *Bathi kuMose, Kungokuba kwakungekho-mathuna eGibhithe, usikhiphile ukuba sifele ehlane na? usenzelani lokhu, wasikhipha eGibhithe na?*
>
> *Leli alisilo izwi esalikhuluma kuwe eGibhithe, sithi, Siyeke, sikhonze abaseGibhithe na? Ngokuba bekuyokuba-ngcono kithi ukubakhonza abaseGibhithe, kunokuba sifele ehlane.*

25 Ngizofunda amanye amavesi athi awabe mabili.

> *UMose wathi kubantu, Ningesabi . . .*

Manje lalelisisani lapha.

> . . . UMose wathi kubantu, *Ningesabi, qinani, nibone ukusindisa kweNkosi, ezakunenzela khona namuhla: ngokuba abaseGibhithe enibabonile namuhla, anisayikubuye nibabone naphakade.*
>
> *INkosi izakunilwela, nothula nina . . . iNkosi yayisithi kuMose, Ukhalelani kimi na? Yisho kubantwana bakwaIsrayeli, ukuba bahambe:*
>
> *Kodwa phakamisa wena induku yakho, welule isandla sakho phezu kolwandle, ulwahlukanise: abantwana bakwaIsrayeli bazakuhamba phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo.*

*Futhi mina, bheka, Ngizakuzenza likhuni inhliziyo zabaseGibhithe, ukuthi babalandele: ngizakudunyiswa ngoFaro, nangempi yakhe yonke, nangezinqola zakhe, nangabamahashi bakhe.*

*AbaseGibhithe bazakukwazi ukuthi ngiyiNKOSI, nxa ngidunyisiwe ngoFaro, ngezinqola zakhe, nangabamahashi bakhe.*

*Ingelosi kaNkulunkulu, eyayihambile phambi kwempi kaIsrayeli, yasuka yahamba emva kwabo; nensika yefu yasuka phambi kwabo, yema emva kwabo:*

*Yaba phakathi kwempi yabaseGibhithe nempi yakwaIsrayeli; kwakukhona ifu lobumnyama kubo, noma ikhanya ebusuku kulaba: ukuze izimpi zingakwazi ukusondelana ubusuku bonke.*

*UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle; iNKOSI yamukisa ulwandle ngomoya onamandla wasempumalanga ubusuku bonke, yaphendula ulwandle lwaba-ngumhlabathi owomileyo, amanzi ahlukana.*

*Abantwana bakwa Israyeli bangena phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo: amanzi abalugange kubo ngakwesokunene, nangakwesokhohlo.*

*AbaseGibhithe baxosha, bangena emva kwabo ngaphakathi kolwandle, namahashi onke kaFaro, izinqola zakhe, nabamahashi bakhe.*

*Kwathi, ngomlindo wokusa iNkosi yalunguza phansi impi yabaseGibhithe isensikeni yomlilo ne . . . fu, yayidunga impi yabaseGibhithe,*

*Yawisa amasondo ezinqola, ukuba bahambise kalukhuni: baze bathi abaseGibhithe, Masibaleke ebusweni bukaIsrayeli; ngokuba iNkosi iyabalwela futhi imelene nabaseGibhithe.*

26 IZwi leNkosi likhulu kakhulu, lihle kakhulu, akukhondlela nje yokuyeka ukuLifunda. Liba ngukuPhila nje, njengoba siLifunda. Ngiyacabanga, kulendikimba kulokhu ukusa, nakuba iteyishwa, ngifuna ukusho lokhu ekuqaleni, iyathola, ngizithola mina uqobo. Nesizathu ngi . . . Izolo, ngisesekutadisheni, futhi ngifika phezu kwalendaba, ngase-ke ngicabanga, "Ngiyahamba nje, uma iNkosi ithanda, ukukhuluma phezu kwaleyo, ngoba iyangibethelela." Futhi ngithemba ukuthi kusibethelela sonke, ukuze sibone, futhi isibangela sibuke phezulu; nokutadisha kancanyana, ekuqhathaniseni usuku olwalungaleyonkathi, i . . . kuze kube lusuku olumanje.

27 Ngifuna ukuthatha amagama amathathu okwendikimba, nalokho ngukuthi: *Ukhalelani? Khuluma*! UNkulunkulu washo

kuMose, lapha evesini 15, "Ukhalelani kiMi? Khuluma kubantu, ukuba bahambe baqhubeke." Futhi: *Ukhalelani? Khuluma!*

28 Manje, sinendaba impela, futhi ngizozama ukusheshisa ngiqede ngokukhulu ukushesha okunokwenzeka, njengokuhola kukaMoya oNgcwele. Futhi ngifuna ukucabanga nge... ngalendikimba, kaMose ekhala kakhulu kuNkulunkulu, ngesikhathi senkathazo; noNkulunkulu ephendula uMose ngokumkhuza, ngqo lapho inkathazo yayise—yisekuhlanganeni komhlangano. Futhi kuyimvelo nje, kubonakala sengathi kunjalo, ngomuntu ukuba akhale kakhulu. Bese kuthi-ke ukukhuza o—okunje pho ukuba uNkulunkulu ukuba ajike bese emkhuza ngokukusho, ngokukhala kakhulu kuYe. Kubonakala sengathi kuyinto elukhuni kabi.

29 Izikhathi eziningi uma sibuka imiBhalo, ngendlela yethu uqobo yokubuka, kubonakala kulukhuni kakhulu. Kodwa uma siWutadisha isikhashanyana, sithola ukuthi uNkulunkulu ohlakaniphe ngakho konke uyazi nje ukuthi Wenzani. Futhi Uyazi ukuthi zenziwa kanjani lezizinto nokuthi usebenzana kanjani nomuntu. Uyakwazi okukumuntu. Yena, Uyamazi. Asimazi. Sazi kuphela ngasohlangothini lwesihlakaniphi. Uyazi ukuthi yini ngempela ekumuntu.

30 UMose wazalwa kulelizwe, nomfana onesiphiwo. Wazalelwa ukuba ngumprofethi, umkhululi. Wazalwa enesikhali sokuhloma sizalwa kuye, njengoba wonke umuntu ofika ezweni uzalwa enalesisikhali sokuhloma, njengoba ngikholelwa ngokugxilile e—ekwazini phambili kukaNkulunkulu, ukumiselwa ngaphambili.

31 "Akusikho ukuthi uNkulunkulu uyathanda ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni." Kodwa, lokhu enguNkulunkulu, Wadingeka azi, futhi uyazi, "wazi ukuphela kusukela ekuqaleni." Niyabo? Uma Engazi, khona-ke Akasuye ongenasiphelo; futhi uma Engesuye ongenasiphelo, Akasuye uNkulunkulu. Ngakho Wayengathandi, impela, ukuba kubhubhe namunye, kodwa Yena—Yena azi ukuthi ubani oyobhubha nokuthi ubani ongayikubhubha. Yingalesosizathu, yona impela inhloso uJesu ayizela emhlabeni, yayingukusindisa labo uNkulunkulu, ngokwazi phambili kwaKhe, wambona owayefuna ukusindiswa, niyabo, ngoba umhlaba wonke walahlwa ngecala. Futhi angiboni ukuthi besingakufundisa kanjani nganoma yiyiphi eny'indlela kunokwaziphambili kukaNkulunkulu, neBhayibheli ngokusobala lithi Wa "zi ukuphela kusukela ekuqaleni," futhi angakusho.

32 Ngakho-ke, uma u—umuntu ezama ukuba yinto ethize abangesiyo, benza kuphela ukuzifanisa nabanye, futhi masinya kakhulu noma kamuva kuzonithola. Izono zenu ziyanifumana. Ningeke nazisibekela. Sinye kuphela isisibekelo sesono, leso yiGazi likaJesu Kristu, futhi Lingeke labhecwa ngaphandle

uma uNkulunkulu ekubizile kusukela ekusekelweni kwezwe. Lachithelwa lokho-ke leloGazi; hhayi ukuba ligxotshwe, futhi kuhlekiswe ngalo futhi—futhi wagwazwa, futhi—futhi kukhulunywe kabi ngaye, no—nokunye nokunye. Kwakungokwenhloso eqondile. Kunjalo. Hhayi ukuba kudlalwe ngakho, hhayi ukuba kufaniswe nabanye abantu, ngokusho ukuthi izono zisibekelwe zibe zingenjalo. Futhi akukho muntu ongaba nezono zakhe zisibekelwe ngaphandle uma igama lakhe lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UJesu wathi, qobo lwaKhe, "Akekho umuntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke lokho uBaba anakho," inkathi eyedlule, "aNgiphe khona, kuyoza kiMi." Kunjalo. Ngakho ungeke wenza amaZwi aqambe amanga. Akhona lapho ngeQiniso nokulungisa.

33 Futhi uMose wazalwa nesiphiwo sokukholwa; ukukholwa okukhulu uMose ayenakho. Siyakubona, emva kwesikhashana, kuphuma kuye. Futhi wazalwa emndenini omkhulu, njengoba sazi ukuthi ukanjani ubaba wakhe nomama wakhe, futhi bevela emndenini kaLevi. Okungukuthi, indaba lapha, ngokungaphambili kulokhu, eNcwadini ka—kaEksodusi, ngokuhle kakhulu kunikeza ukuphila kwalomlingiswa omkhulu. Futhi wayengomunye waba—balingiswa abakhulu kunabobonke beBhayibheli, ngokuba wayengumfanekiso ngokuqinile weNkosi uJesu.

34 Wazalwa ekuzalweni okuyinqaba kakhulu, njengeNkosi uJesu. Wazalwa ngesikhathi sokuhlushwa, njengeNkosi uJesu. Wazalelwa ukuba ngumkhululi, njengeNkosi uJesu. Wafihlwa ngabazali bakhe, kude nesitha, njengeNkosi uJesu. Futhi ufika esikhathini sakhe senkonzo, njengeNkosi uJesu. Wayengumholi, njengeNkosi uJesu. Wayengumprofethi, njengeNkosi uJesu. Futhi wayengumnikezeli-mthetho, njengeNkosi uJesu.

35 Futhi siyathola ukuthi wafela eDwaleni, futhi kufanele ukuthi wavuka futhi nayo yonke into, ngoba, eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva wayemi eNtabeni yokuGuqulwa isimo, ekhuluma neNkosi uJesu. Niyabo? IziNgelosi zamthwala zamsusa. Akekho owaziyo uthi ungcatshwe kuphi. Ngisho nodeveli akakwazanga lokho. Ngokusobala, angikholwa ukuthi wake wangcwatshwa. Ngi—ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wamthwala wamsusa, futhi—futhi wafela eDalweni ayelilandele zonke izinsuku zokuphila kwakhe.

36 Futhi wayengumfanekiso ophelele kaKristu. Wayeyinkosi phezu kwabantu. Wayengumnikezeli–mthetho. Wayengu—wayengu—umsekeli kubantu. Wayeyiyo yonke into, e—emfanekisweni, uKristu ayeyiwo.

37 Manje, khona-ke, niyabona ukuthi wazalwa nalesi iziphiwo ezinkulu nobumpela phakathi kwakhe, khona-ke uthathe

kuphela Into ethize ukubaneka kuwelele kulokho, ukuletha leyonto ekuPhileni.

38 Niyabo, imbewu kaNkulunkulu ibekwa ngempela kithi kusukela ekusekelweni kwezwe. Futhi ngenkathi lokho kuKhanya kuqala ukushaya leyombewu, Kuyiletha ekuPhileni, kodwa ukuKhanya kuqala kufanele kufike phezu kwembewu.

39 Njengoba ngifundisile izikhathi eziningi ngowesifazane omncane emthonjeni, yena kulesosimo. Nakuba wayakade e—engumuntu onesimilo esibi, nakuba impilo yakhe—yakhe yayonakele, futhi wayekulesosimo ngenxa yokuthi amasiko ayengakaze amthinte, kodwa, nakuba, ngenkathi lokho kuKhanya kuqala kumshaya, ngokushesha waKuqonda, ngoba kwakukhona okuthize lapho ukuba kusabele Kukho. "Uma utwa lubizana noTwa," kufanele kube noTwa ndawondawo ukuba lusabele kulokho kubiza.

40 NoMose lapha wazalwa eyilomprofethi, kodwa wakhuliswa esikoleni sokuhlakanipha nesigodlo sikaFaro. UFaro uSeti, ayekhuliselwe ngaphansi kwakhe, wayengumuntu owayesalokhu enokuhlonishwa, futhi wamkholwa uJosefa engumprofethi weNkosi. Kodwa lapho kuvela uRamsese emva kukaSeti, futhi uRamsese akabanga nandaba ngoJosefa. Futhi ngakho, ngakho-ke, kuyilapho ngenkathi inkathazo iqala khona, manje, ngenkathi lapho kuvuka uFaro owayengamazi uJosefa.

41 Kodwa lezizidingakalo ezinkulu, asikhulume ngazo okwesikhashana nje, futhi, ngaphambi kokuba sifike engxenyeni enkulu yendikimba. Nginendlela eyinqaba yokuhlela indikimba, bese-ke kuba ngukwakha kuyo, futhi iNkosi isisize kulokhu ukusa njengoba sakha kuyo.

42 UMose, ezalwe nalesisiphiwo esikhulu sokukholwa. Khona-ke, wagcotshwa futhi wathunywa esihlahleni esivuthayo, ukukhulula abantu bakaNkulunkulu. Manje, ubona ukuthi lendoda yayinezidingakalo ezinkulu kanjani! Wazalelwa into ethize. UNkulunkulu wayenenhloso kukho.

43 UNkulunkulu unenhloso ngawe ulapha. Niyabo? Uma kuphela ungaba njalo, ufinyelela kuleyondawo, yinkathazo engakanani okhonza ngayo uNkulunkulu nawe qobo lwakho, futhi.

44 Ukuzalwa kukaMose, futhi-ke waye, kamuva, walethwa e—endaweni lapho agcotshwa khona. Futhi, qaphelani, imbewu ilele lapho nomqondo wokuhlakanipha, nakho konke ukukholwa ukuthi wazalelwa ukukhulula lababantu, futhi nokho ayizange ize ekuPhileni kwaze kwathi lokho kuKhanya okuvela esihlahleni esivuthayo kwabaneka phezu kwayo; waze wabona, hhayi into ethize afunda ngayo, kodwa into ethize ayibone ngamehlo akhe; Into ethize eyakhuluma kuye, futhi wakhuluma waYiphendula. O, ukuthi lokho kwaziletha kanjani izinto ekuPhileni.

45 Ngicabanga ukuthi noma yimuphi owesilisa ono. . .noma owesifazane, umfana noma intombazane. Futhi ngiyacabanga, emqondweni wokuhlakanipha owalokho abacabanga ukuthi iZwi liyikho, nokunye nokunye, akusoze kwaba nokugcwala kokuma kwesisekelo baze ukuba esehlangane nalokho kuKhanya okuletha leloZwi ebuqinisweni.

46 Ngicabanga ukuthi akukho bandla ekwenzeni kwalo, akunandaba ukuthi lingaba ngelihlakaniphe neliqave kanjani, lelobandla angeke likhule kuze kuthi okungaPhezu kwemvelo kwaziswe phakathi kwalabobantu, futhi bayakubona. Into ethize abangakhuluma kuyo, ezokhuluma ibaphendule, okuqinisekisa leliZwi elilotshiwe.

47 Manje khumbulani, ngenkathi uMose ehlangana nelesisihlahla esivuthayo, leloZwi laliqinisekisiwe impela. KwakuyiZwi. UMose akadingekanga ukuba akhathazeke, "Limayelana nani lonke leliPhimbo? Yini lesisiDalwa lapha na?" Ngoba, uNkulunkulu wayesevele elobile emBhalweni, kuGenesisi, ukuthi, "Abantu bakho bayogogobala kulelizwe labezizwe, kepha bayobuyiselwa emuva emva kweminyaka engamakhulu amane, bayobuyela kulelizwe futhi, ngokuba u—ububi bamaAmori abukagcwaliswa okwamanje." Manje, amakhulu namakhulu eminyaka ngaphambili, uNkulunkulu wayekushilo lokho, "UIsrayeli uyogogobala futhi aphathwe kabi ezweni labezizwe, futhi wayeyohlala lapho iminyaka engamakhulu amane. Kodwa uNkulunkulu, ngesandla esinamandla, wayeyobakhipha." Ngakho, niyabo, ngalesisihlahla esivuthayo. . .

48 UMose wakwazi lokhu, ngokuhlakanipha. Nembewu eyazalwa kuye, yayilele enhliziyweni yakhe. Futhi wazama, ngolwazi lwakhe lokuhlakanipha neZwi, ukuzama uku—uku—ukubakhipha, ukubakhulula, ngoba wayazi ukuthi wazalelwa leyonhloso. Wayekwazi lokho, isikhathi. ImiBhalo yonke yathi base bevele bekade belapho iminyaka engamakhulu amane.

49 Njengoba nje sazi manje, njengoba indoda ingibuzile emizuzwaneni embalwa edlule, ngokuFika noHlwitho. Siyazi. Sesisiphilile isikhathi saphuma, esikhathini soHlwitho esiseduze, futhi sibheke ukukholwa kohlwitho okungadonsela iBandla ndawonye futhi kulinike amandla athize angaphezu kwemvelo, angaguqula lemizimba esiphila kuyo. Uma sibona uNkulunkulu ongavusa abafile kwiphansi lendlu noma ngaphandle kwegceke, futhi ambuyisele ekuphileni futhi amethule phambi kwethu, uma sibona uNkulunkulu ongathatha umdlavuza odla omuntu abe yithunzi futhi amvuse abe yindoda ephilile eqinile, lokho bekufanele ukunikeza ukukholwa kohlwitho kubantu. Lokho, uma lokho kuKhanya kubaneka kuvela esibhakabhakeni, necilongo likhale, uMzimba kaKristu ngokushesha uyobuthela ndawonye, futhi uguqulwe ngomzuzwana futhi uyiswe emaZulwini. Yebo, kufanele

kube nento ethize enjalo eyenzekayo. Futhi izikole zethu zesayense yezenkolo azisoze zakukhiqiza lokho, nokho bona ngokokuhlakanipha bakahle. Kodwa ufanele uhlangane nalokho kuKhanya! Ufanele uyithole leyoNto ethize.

50 Futhi lapha uMose, esekela ukubizwa kwakhe okukhulu phezu kweZwi, futhi kwakukukhulu, kwaze kwathi ngeliny'ilanga wahlangana nalokhu kuKhanya, futhi lona impela iZwi qobo lwaLo lakhuluma lamphendula. Khona-ke wathola ukugcotshwa kwakhe. Lokho kwagcoba lokho ayenakho kuye, lokho okungaphakathi, i—izinhlakanipho ezakukholwa, ukukholwa okwakusekelwe phezu kwenkolelo yakhe kuNkulunkulu, okwamehlukanisa nonina. Futhi manje uma eshaya eBukhoneni balokhu ukuKhanya, Kwagcoba lokho ayekukholwa. Niyabo? Ugcobo olunje pho! Futhi wathunywa.

51 Manje siyazi, ngokuhlakanipha wayemzwile unina. Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani, futhi wayazi ukuthi wayephila kulolosuku. Kodwa lapha wathola ukuthi wayeyisehluleki, ngakho angahle ukuba wayekade...ukukholwa kwakhe ngahle ukuba kwaqathaka kwahlehla kancanyana. Kodwa-ke ngenkathi efika esihlahleni, uNkulunkulu wathi, "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi koyise, uAbrahama, uIsaka, noJakobe, futhi Ngehlile." "Nge," lapho, i—isabizwana somuntu, "Ngehlile ukuba ngibakhulule."

52 Futhi manje, futhi kwangathi nje ngingenezela lokhu uma ku...UNkulunkulu angithethelele uma kuzwakala kungokuthuka inkolo. "Angisebenzi phezu komhlaba, ngomuntu kuphela. Ngi—Ngi—NgingumVini; nina ningamagatsha. Futhi Ngizimemezela Mina kuphela uma Ngingathola umuntu. Futhi Ngikhethe wena, futhi Ngithuma wena phansi ukuba ubakhiphe." Niyabo? Manje qaphelani, "Ngiyoba nomlomo wakho, futhi Ngi . . . wena thatha lentonga."

53 NoMose wathi, "Ngingabubona yini ubufakazi obubonakalayo ukuthi Uzongithuma, futhi Ungigcobile, futhi Uzokwenza lezizinto na?"

Wathi, "Uphetheni esandleni sakho na?"

Wathi, "Induku."

Wathi, "Yiphose phansi." Yaphenduka inyoka. Wabaleka.

54 Wathi, "Yicoshe." Yabuye yaphenduka induku. Wathi, "Faka izandla zakho esifubeni sakho." Wasikhipha, futhi sasinochoko. Wasibuyisela emuva, futhi sase siphilile.

55 Wathi, "Wabona inkazimulo kaNkulunkulu." Kwakungasekho-mbuzo, kuMose. Senake naqaphela, akaphindange abalekela ehlane futhi na? Wayazi ukuthi wayegcotshiwe. Wayazi lapho, zonke lezizinto ezazikade zisenhliziyweni yakhe, lezizidingakalo ezinhle ezinkulu, futhi

u. . .zase zigcotshiwe manje. Yena, uselungele. Uselungele ukuhamba. Ngakho nangu ehlela eGibhithe ehamba.

56 UNkulunkulu wayethe, "Ngiyoba nawe," ngakho lokho—lokho kuyakuxazulula. Uma, "Ngiyoba nawe," yilokho kuphela uMose ayefanele akwazi, ngalolubizo olukhulu enhliziyweni yakhe. Futhi manje uNkulunkulu wathi, "Ngiyoba nawe."

57 Manje, uNkulunkulu wayeqinisekile futhi okwakhe, izisho zikaMose. Isisho sikaMose, "Ngihlangane neNkosi. Futhi Wathi ngikutshele, u 'NGIKHONA' ungithumile." Niyabo?

58 Manje bathi, "Nansi indoda, elinye iJuda, mhlambe abanye balezizinhlanya obelokhu eza ngaso sonke isikhathi ngalo lonke uhlobo lwesikimu ukusikhipha ebugqilini." Futhi niyazi ukuthi abantu banjani uma beyizigqila, noma besebugqilini ngento ethize, kuhlala njalo kunohlobo oluthize lweqhinga eliza ngakhona, niyazi, ukulenza.

59 Ngakho, uMose, uNkulunkulu wethembisa uMose, "Ngiyoba nawe. Ngiyoba kuwe. AmaZwi aMi ayoba ngamaZwi akho. Khuluma amaZwi aMi futhi nje usho eNgikushoyo."

60 Futhi manje ngenkathi uMose ehla futhi ubanika lolubizo, futhi wama phambi kukaFaro, futhi wamtshela, "INkosi uNkulunkulu wamaHeberu wathi, 'Khipha abantwana.'" Futhi wayengabavumeli bahambe. Ngakho we—wenza isibonakaliso phambi kwamalunga amadala naphambi kukaFaro, nezibonakaliso uNkulunkulu azenza. Wathi, "Manje, kusasa, cishe ngalesisikhathi, ilanga lizoshona. Kuzoba ngubumnyama konke phezu kweGibhithe," futhi kuyafezeka impela nje. Wayesethi-ke, "Ku—kuza izibawu phezu kwe—phezu kwezwe," wayeselula intonga yakhe wayesebiza izibawu, nezibawu ziyafika. Futhi waprofetha, nayo yonke into ayiprofetha yenzeka impela nje ngendlela nje. KwakunguNkulunkulu. Niyabo?

61 UNkulunkulu wayembizile kusukela ekuzalweni kwakhe, wafaka izidingakalo kuye, zokukholwa okukhulu, useyehla-ke enoBukhona baKhe wayesegcoba leyonto ethize enkulu kuye, wayesemthumela ezansi eneZwi laKhe, futhi waqinisekiswa ngokufanelekile ngezisho zakhe. Akunandaba ukuthi bangaki owaka ababevukile, ukuthi zingaki lezi ezinye izinto ezazenzekile, uNkulunkulu wayekhuluma e. . .UMose wakhonjwa. UMose, okwashiwo nguMose, uNkulunkulu wayekuhlonipha. Ngifuna ningalikhohlwa neze leloZwi. Okwashiwo nguMose, uNkulunkulu wayekuhlonipha, ngoba iZwi likaNkulunkulu lalikuMose. "Ngiyoba nomlomo wakho; uyokhuluma izinto ezifanele." Manje, okushiwo nguNkulunkulu—okushiwo nguNkulunkulu, Ukukhuluma ngoMose, futhi kwaqinisa futhi kwaqinisekisa izisho zakhe.

62 Futhi, watshelwa ngunina, ngokuzalwa kwakhe okuyimfihlakalo, nokuthi isikhathi sesandla sisondele kanjani

ehoreni ukuthi kwakuzoba khona ukukhululwa. UAmramu no—noJokebedi, amadodana nendodakazi kaLevi, baqala ukukhuleka kuNkulunkulu ukuba athumele umkhululi. Futhi kuthatha. . . uma ubona isikhathi sesithembiso sisondela, sibeka abantu ukuba bakhuleke nokuba balambele. Futhi akungabazeki ukuthi—ukuthi uJokebedi wayemtshelile kaningi, unina; njengoba wayengumphatheli wakhe, futhi, njengoba siyazi indaba. Futhi wayemtshelile ukuthi wayekhuleke kanjani. "Futhi, Mose, ngenkathi uzalwa, ndodana, wawungumntwana omuhle. Wawehlukile. Kwakukhona into ethize eyenzeke ekuzalweni kwakho."

63 Nganikeza okusamdlalo wasesiteji ngakho ngenzela abantwana, kungekudala, futhi ngathi, "Ngenkathi uAmramu esekamelweni ekhuleka, wabona iNgelosi ihosha inkemba yaYo futhi iyikhomba ngaseNyakatho, yayisithi, 'Uzoba nomntwana, futhi uyothatha abantwana baseNyakatho abayise ezweni elithenjisiwe.'" Nginikeza okusamdlalo wasesiteji ngenzela abafo abancane ukuze bazokwazi ukukuqonda; ukuthi inhlakanipho yabo ayikafinyeleli endaweni nina abadala, futhi ningabamba ngqi izinto njengoba uMoya oNgcwele ukwembula kini.

64 Manje, nakuba unina wayemtshele lezizinto, futhi wayekwazi lokhu, nokho wayedinga okunye ukuthinta. U—ukufundisa kwakukahle, kodwa wayedinga ukuxhumana siqu sakhe.

65 Yilokho izwe elikudingayo namhlanje. Yilokho ibandla elikudingayo namhlanje. Yilokho wonke umuntu akudingayo, lokho ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ukuze ube yilokho, udinga ukuxhumana siqu sakho, uyabo, Into ethize. Akunandaba, uyazi iZwi liyiqiniso, uyazi Liqinisile; kodwa-ke uma lixhumana, bese-ke ubona into yenziwa, khona-ke uyazi usemgwaqeni oyiwo. Uyabo? Futhi, bhekisisa, kuyohlala njalo kungokomBhalo. Kuyoma kahle nomBhalo, ngoba lokhu kwenza.

66 Umkhuleko kaAmramu wawuhambisana nje ncamashi nomBhalo. Imikhuleko yabo wawukanye neZwi elithenjisiwe. UNkulunkulu wethembisa ngaleso sikhathi ukukwenza. Bakukhulekela, futhi nangu umntwana omuhle wazalwa. Futhi ba. . .

67 Bhekisisani! O, ngikuthanda kanjani lokhu! Niyabo, ngehora uFaro ayebulala ngalo bonke abantwana, niyabo, ebabeka e—enkembeni, inkemba yenhloli; bona, bagwaza lababantwana abancane bafa, babapha izingwenya, imizimba emincane, izingwenya mhlampe zaze zakhuluphaliswa yimizimba yabantwana bamaHeberu. Kodwa iBhayibheli lasho, ukuthi, "Abazali abawesabanga umyalo kaFaro ukubulala abantwana." Abazange. Babengesabi, ngoba babebone into

ethize kulengane, kwase kuqaleni nje. Bakubona, ukuthi lena kwakuyimpendulo yomkhuleko.

68 Futhi manje uMose wayenakho konke lokhu njengesendlalelo, ngakho uMose wazi ukuthi wayethunyelwe yona impela inhloso ukukhulula abantwana bakwaIsrayeli.

69 Niyabo, sonke isendlalelo siyanqwabelana nje. Uma uthola noma yini, futhi ungaletha iBhayibheli, lithi, "*Lokhu* kuzokwenzeka," futhi nakhu kwenzeka; "na *lokhu* kuzoba ngaleso sikhathi," nakhu kwenzeka; "na *lokhu* kuzoba ngaleso sikhathi esithize," nakho kwenzeka; khona-ke konke kunqwabelana ndawonye futhi kusidwebele isithombe.

70 O, likanjani lelitabernakele kulokhu ukusa, sikanjani thina bantu balelihora, Mfowethu Neville, njengoba sibona ubumpunga bushaya izinwele zethu, namahlombe ethu eqhotha, nxa sibona izwe lithandeleka futhi lingqangqazela njengoba linjalo, nokuthi singaqalaza kanjani bese sibona isithembiso sisondela! Si, si. . .Ngicabanga ukuthi, izikhathi eziningi, uma omunye ubengavele nje abhampe kuLo kanye, futhi angaLiqondi, noma aLiqonde, njalo, futhi angene kuLo kanye, cishe impela belingakuthumela ePhakadeni, ngento nje yohlwitho ngempela! Futhi awangakwazi neze, futhi nje, o, ugqashule izinto esizibonile nesizaziyo nesiziqondayo, nakho konke kubhampe phakathi ngesikhathi esisodwa. Owesilisa, noma owesifazane, umfana, noma intombazane, bengavele nje mhlambe baphakamise izandla zabo bese bethi, "Asihambe, Nkosi Jesu," niyabo. O, lisondele kakhulu kanjani ihora!

71 UMose azi ukuthi wayezalelwe leyonhloso, wayeselunguza ngamafasitela wayesewabhekisisa lawomaHeberu lapho eshikashikeka; wabuka emuva lapha emBhalweni, futhi wathi, "Futhi bayogogobala iminyaka engamakhulu amane, niyabo, kodwa Ngiyakubakhipha ngesandla esinamandla." Manje-ke nxa esebuya, emva kokuthunywa, egcotshiwe, wazi ukuthi wazalwa. . .Nokukholwa kwakhe kwabuka, ngokukholwa wababona labobantu futhi wazi ukuthi babengabantwana bakaNkulunkulu, ngoba izwe. . .i—iZwi lasho njalo. Babengesibo abezwe, futhi wayengafani nabo bonke abanye. Babehlukile. Futhi babe ngabangahlakahlile ekhanda nezinhlanya, e—ebukhazikhazini obuphakeme beGibhithe; futhi wayezoba yindodana kaFaro, engamela umbuso, nolandelayo. Kodwa, yena, kwakukhona into ethize phansi kuye, u—ukukholwa kwangempela okungabukanga lezozinto, ubukhazikhazi ayezobudla ifa. Wabuka isithembiso sikaNkulunkulu, futhi wazi ukuthi isikhathi sase sisondela. Nokuthi leyondoda ifanele ukuthi yacabanga ngani!

72 Ngifuna ukukuxoxisana naye, suku lumbe, uma ngihlangana naye ngapesheya. Wena uthi, "Ukuhlanya, mfowethu!" Qhabo, akusikho. Ngizohlangana naye, ngomusa kaNkulunkulu. Yebo,

mnumzane. Ngiyokhuluma kuye, suku lumbe, uMose qobo lwakhe. Futhi ngingathanda kanjani ukumbuza, nje kanjani, ngenkathi ebone ukulungiselela kwakhe!

73 Ikanjani ingxaki, udeveli ethi, "A, abantu abazukukukholwa. Ehhe. A—akukho lutho kulokho."

74 Kodwa ngenkathi leyombewu iza ekuPhileni phezulu lapho, into ethize yamshaya, futhi wazi ukuthi kwakukhona into ethize ezokwenzeka. Wazi. Wabuka iwashi lakhe elikhulu futhi wabona ukuthi kwakuyisikhathi sini, futhi wazi, futhi kufanele ukuthi wacabanga kanjani lapho ebhekisisa. Manje ngenkathi esehlanganise konke lokhu, yonke lento enkulu ayeyibonile; isikhathi somBhalo, umkhuleko kanina noyise, futhi wazalwa ngokuzalwa okungejwayelekile, umntwana oyinqaba. Futhi, ngasosonke isikhathi, kwakukade kukhona into ethize le phansi kuye.

75 Futhi manje uphuma uthi nyelele futhi uzama ukucabanga ukuthi uzothatha ukuqeqeshwa kwakhe kwezempi esikoleni sakhe, futhi akhulule abantwana, nalokho kwehluleka.

76 Manje-ke wenyukela ehlane futhi uganwa yi—yintombi ethandekayo engumEtiyopiya, futhi baba nomfana omncane ogama linguGereshomu.

77 Futhi ngoluny'usuku esaluse umhlambi, khona manjalo ubone isihlahla esivuthayo phezulu esiqongweni sentaba, sivutha. Wayesenyukela lapho. Futhi hhayi isihlakaniphi, hhayi u—ukucabangela, hhayi inkohliso, inkohliso yamehlo, kodwa phakathi kuye. . .Nango wayekhona uNkulunkulu kaAbrahama, ekuKhanyeni, iNsika yoMlilo emuva esihlahleni, lowoMlilo, njengamagagasi ephuma, kodwa akusikhathazanga isihlahla. NePhimbo lomBhalo, iPhimbo likaNkulunkulu, lakhuluma liphuma lapho, lase lithi, "Ngikukhethile. Nguwe indoda. Ngakuvusela lenhloso. Ngiyafakazisa kuwe lapha, ngezibonakaliso, uyehla ukuyokhulula abantwana ngoba iZwi laMi lizofanele ligcwaliseke."

78 O, iZwi laKhe lalolusuku lizofanele ligcwaliseke. Siphila ehoreni. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini; iZwi lizofanele ligcwaliseke. Kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa hhayi iZwi laKhe.

79 Manje, ngenkathi uMose ehlanganisa konke lokhu, futhi wabona ngazo zonke iziqondiso, kwagcoba ukukholwa kwakhe. Amen! O, he! Umcabango onje pho! Lokhu, umina, qobo lwawo ubona umBhalo uqonda ukhomba ngokuqonde ngqo kulokho okwakuyikho, nokukhuluma kukaNkulunkulu, nobufakazi obubonakalayo bakho lapho, kwagcoba lokho kukholwa ayenakho kuye, ukuba ayosebenza.

80 Bekufanele kwenzeni kithi na? Sidinga ukuphenduka. Sidinga imvuselelo. Ngisho mina uqobo lwami. Niyabo? Ngidinga ukushukuma. Ngidinga into ethize. Ngithe

bengikhuluma kimi uqobo lwami kulokhu ukusa, noma ngami qobo lwami. Ngi—ngi—ngidinga u—ukuphaphama.

81 Futhi uma ngicabanga ngalobo bufakazi obukhulu obubonakalayo, yonke into yendlalwe phandle lapho ngokuphelele kakhulu, futhi kwagcoba ukukholwa kukaMose. Futhi, he, ubonile ukuthi kwakungekho lutho . . .

82 Lapha, wabaleka esuka eGibhithe, ne, empeleni, wayengaqala u—ukuvukela umbuso noma okuthize, futhi wayenga—wayengavuka futhi aqale umbhedukazwe eGibhithe, futhi wayengathatha impi futhi alwe, kodwa, niyabo, futhi wayenezinkulungwane eziningi zingakuye. Kodwa esikhundleni salokho, wayesaba ngisho nokwenza lokho, nezimpi zingakuye.

83 Kodwa manje nangu ebuya, eminyakeni engamashumi amane kamuva, iminyaka engamashumi ayishiyagalombili ubudala, enenduku kuphela esandleni sakhe. Ngani? Okwakukade kuvutha phansi enhliziyweni yakhe kwase kube yiqiniso. Wayesegcotshiwe-ke, futhi wayazi ukuthi wayeno ISHO KANJE INKOSI. Yayingasekho into ezomvimba manje. Wayengadingi-mpi. UNkulunkulu wayenaye. Yilokho kuphela ayekudinga; uNkulunkulu enaye.

84 O, uma wazi ukuthi uNkulunkulu ukuthumile ukuba wenze enye into ethize, futhi uyayibona inyakaza phezulu lapho, a—akukho lutho nje okungathatha indawo yakho. Yilokho kuphela.

85 Ngiyakhumbula ngezikhathi ngenkathi iNkosi ingitshele ngezinto ezithize eyayizokwenzeka, bese kuthi-ke ngenyuke bese ngiyibona ilele khona lapho, kanjani . . . O, ukuzwa okunje pho! Isimo sesivele siphansi kokulawula, yilokho kuphela, niyabo, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

86 Ngiyakhumbula, abaningi benu bayakhumbula, ngomfana omncane evuswa eFinland, kwase kuthi-ke kwabafileyo, kade ebulewe yimoto. Futhi ngama lapho eceleni komgwaqo, ngase ngiqala ngihamba ngisuka kulowomntwana, ngase ngiphenduka ngase ngibuka emuva. Nento ethize ibeka isandla ehlombe lami, futhi ngacabanga ukuthi kwanguMfowethu Moore, futhi akukho muntu owayengakimi. Ngase ngibuka emuva, kwase kuthi-ke ngabuka phezulu entabeni ngabona. Ngathi, "Awu, ngilibonile lelogqumа ndawondawo, kodwa asikhuphukanga ngapha. Siza ngenye indlela. Liphi lelogqumа na?"

87 Ngase ngibuka futhi ngabona leyomoto ezansi lapho, ifahlazekile; ngambona lowomfana omncane lapho nokwakhe . . . elele lapho nokugunda izinwele no—izinwele ezigundiswe okwembiza, njengoba besingakubiza kanjalo lapha. Amehlo ebheke emuva, njengoba akaMfowethu Way lalinjalo ngoluny'usuku ngenkathi ewa. Nonyawo oluncane lwagijima ngesokisi, lapho izitho zakhe ezincane sasiphuke khona. Negazi liphuma emehlweni akhe, nekhala, nezindlebe. Futhi ngisibonile esakhe esincane, isikhindi; futhi esiboshwe ngezinkinobho,

esakhe, *lapha* nangasohlangothini lokhalo lwakhe oluncane; namasokisi akhe amade amancane esenhla, njengamasokisi amade njengoba sasiwagqoka eminyakeni eminingi eyedlule.

88 Ngase ngiqalaza, futhi kwakukhona ncamashi, ncamashi ngendlela uMoya oNgcwele owawungitshele ngayo eminyakeni emibili ngaphambili, ngenkathi nonke nikulobe emaBhayibhelini enu esizweni sonke, ukuthi kwakuzokwenzeka. O, lapho, manje-ke, isimo sesisondele. Akunandaba ukuthi ufe kangakanani, akunandaba ukuthi omunye umuntu uthini; sekuphelile. Uzofanele abuye!

89 Ngathi, "Uma lomntwana engavuki kulo ofileyo, khona-ke ngingumprofethi wamanga, ngingomele uNkulunkulu ngokungesikho. Ngokuba ezweni, lendabuka, iminyaka emibili eyedlula, Wayengitshela ukuthi lokhu kuyokwenzeka. Futhi lapho laba befundisi, nabo bonke, kulotshiwe ephepheni elingabhalwe lutho leBhayibheli lethu, futhi nakhu ncamashi. Kufundeni ephepheni elingabhalwe lutho, ukuthi kuyoba kanjani 'sezweni, amadwala elakanyanayo, kanjalonjalo, abulawe, nase...abengakwesokudla somgwaqo.'" Ngathi, "Nakho. Akukho okungakuvimba. Isimo sesivele siphansi kokulawulwa."

90 Ukukholwa okwakuphakathi kwenhliziyo yami kwagcotshwa. O, uma kuphela bengingakuchaza lokho! Ukukholwa uNkulunkulu...Enganginakho kuNkulunkulu, owangitshela, futhi akuzange kwehluleke, wangitshela, "Isimo siphansi kokulawula manje. Nakhu impela eNgakukhombisa khona eminyakeni emibili edlule, futhi nakhu kulele ngokuhlelekile impela nje. Into kuphela ozofanele uyenze ngukukhuluma izwi." Nomfana omncane wavuka kwabafileyo. Niyabo?

91 Bengicabanga, futhi ngibuka emuva kuMfowethu Fred Sothmann ehlezi lapho, noMfowethu Banks Wood nabo. Ngoluny'usuku, enhla e—eMgwaqeni omkhulu waseAlaska, ukuthi ngama kanjani lapha ebandleni futhi nganitshela nonke ngesilwane esasibukeka sifana nezimpondo zenyamazane idiye, ama intshi angamashumi amane—nambili, nebhere elimpunga elinezihloko ezisasiliva. Ngangingakaze ngibe lapho ngaphambili, nokuthi kanjani i...ukuthi ngangizothola lesi, nokuthi sasizoba njani, nokuthi babezoba bangaki abanami, nokuthi babezobe begqoke kanjani. Niyakwazi, nonke, amaviki namaviki ngaphambi kokuba kwenzeke.

92 Futhi lapho ngenkathi ngingena lapho, ngingakwazi, nakho kulele lesosilwane. Ngase ngihamba, futhi—futhi u... kwakungokungenakwenzeka. Uma umzingeli ezokwazi, noma elalele kuleteyipu, ukuthi ungeke kanjani wenyukela ebusweni besilwane, siyogxuma futhi sibaleke. Kodwa asizange.

93 Futhi naso silenga elawini lami. Nakho kulenga esisasihloko esisasiliva, ngayo impela nje indlela. Ne—nerula libekwe lapho, isilinganiso seteyipu, ukukhombisa okuyikho du kwaso. Nophondo okungenani luzoshwabana ama intshi amabili noma ngaphezulu, uma luluhlaza esilwaneni nalapho seloma, kodwa lolu aluzange lushwabane. Luselokhu lukhona ncamashi ekhaleni ama intshi angamashumi amane-nambili. Niyabo? Nakho kubekwe esisasihloko esisasiliva, singamafidi ayisikhombisa ubude, nje ncamashi, nayo yonke into ingendlela ncamashi eyayingayo, sibekwe lapho manje.

94 Kodwa ngenkathi lendoda ithi kimi, "Manje, buka, Mfowethu Branham, sinalesisilwane owakhuluma ngaso, kodwa wangitshela ukuthi uyothola esimpunga esinesihloko esisasiliva ngaphambi kokuba uye phansi ekugcineni kwegquma, emuva ngale ukuya lapho abafana bekhona, lowo neyembe el'iluhlaza-tshani."

95 Ngathi, "Ngu ISHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu usho njalo."

96 "Kodwa, Mfowethu Branham," wathi, "ngibona konke phezu kwayo yonke into lapha, amamayela, akukho lutho. Sivelaphi na?"

97 Ngathi, "Lokho akusikho okwami ukuba ngibuze. UNkulunkulu washo njalo! Futhi UnguJehova-Jire. Angaliletha ibhere lapho. Angalibeka elilodwa lapho." Futhi Wenza. Futhi nanto. Yisimo phansi kokulawula.

98 Futhi ngenkathi uMose ebona ukuthi wavuselwa lenhloso, futhi wayehlangane ubuso nobuso, loNkulunkulu omkhulu Owayenze ubizo, futhi wayemgcobile futhi wamkhomba, futhi wathi, "Lolu wubiza lwakho, Mose. Ngiyakuthuma, futhi Ngizokukhombisa inkazimulo yaMi. Futhi Ngilapha, esihlahleni, esivuthayo. Yehlela lapho! Ngiyoba nawe." Akadinganga ngisho nenduku. WayeneZwi, iZwi eliqinisekisiwe, futhi waya lapho. Kwagcoba ukukholwa okwakukuye.

99 Futhi kuyasigcoba uma sibona ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, ukuthola ukuthi zonke lezizibonakaliso esizibona zenzeka, okukhulunywa ngazo emBhalweni, ziyokwenzeka ngezinsuku zokugcina; kusukela le eZulwini, kuya emandleni ezombusazwe, nemvelo yabantu, nokukhohlakaliswa kwezwe, naphakathi kwabesifazane, nokuthi bayokwenza kanjani ngezinsuku zokugcina, nokuthi abesilisa bayokwenza kanjani, nokuthi amabandla ayokwenza kanjani, ukuthi izizwe ziyokwenza kanjani, nokuthi uNkulunkulu uyokwenza kanjani. Futhi siyakubona konke kubekwe khona lapha phezu kwethu.

100 O, kugcoba ukukholwa kwethu. Kusikhiphela eziyingilizini ezinkulu. Niyabo? Ku—kusehlukanisa nezinye izinto zezwe. Niyabo? Akunandaba ukuthi sibancane kanjani, nokuthi

siyingcosana kangakanani ngesibalo, ukuthi sihlekwa kangakanani, kuhlekiswe ngathi, akwenzi nomnci umehluko. Yilokho kuphela. Siyakubona. Kunento ethize phakathi kwethu. Samiselwa ngaphambili ukuba sibone lelihora, futhi akukho lutho oluzosivimbela ekuliboneni. Amen! Lapha uNkulunkulu ukukhulumile. Seku—sekuvele kwenzekile. Siyakubona. O, simbonga kanjani uNkulunkulu ngalokhu! O, manje-ke, kukhipha ukholo lwakho uma sibona lezizinto zenzeka lapha.

101 Manje, lapha futhi sifunda ukuthi, "UMose ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunengcebo yaseGibhithe." Manje, wathi u—ukuthukwa ngenxa kaKristu.

102 Manje khumbulani, "ukuthukwa ngenxa kaKristu." Niyabo, kunokuthukwa ekukhonzeni uKristu. Uma uthandwa kakhulu ngabantu nezwe, khona–ke ungeke wakhonza, awukhonzi yena uKristu. Qhabo, ungeke. Ngoba, uyabo, kunokuthukwa okuhambisana naLo. Izwe njalo belithuka.

103 Emuva le lapho, izinkulungwane ziminyaka eyadlula, kwakukhona ukuthukwa okwakuhambisana naLo. NoMose ukuba abe ngufaro, wayengufaro olandelayo ozayo, indodana kaFaro. Futhi wayengufaro olandelayo ozayo, enokuthandwa phakathi kwabantu, futhi nokho wa "thatha ngokuthi. . . " Ethi kusho ukuthi u—u "kuthatha ngokuthi." "Wathatha ngokuthi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyizinto ezinkulu kunakho konke lokho iGibhithe elalingakwazi ukumnika khona." IGibhithe lalisezandleni zakhe. Kodwa, nokho, wayazi ukuthi ukuthatha indlela kaKristu kwakungukuthukwa, kodwa wayejabule kakhulu ukwazi ukuthi kwakukhona into ethize phakathi kwakhe, okwakumenza ukuba athathe ngokuthi lokhu ukusondela kukaKristu, ukuthukwa ngenxa kaKristu, njalo, kukhulu kunabo bonke ubukhazikhazi a—abudla ifa. Wayenefa ngaphakathi kuye elalilikhulu kude kunalokho ifa elingaphandle elalimnike khona.

104 O, ukuba besingaba njengalokho namhlanje, futhi sivumele uMoya oNgcwele agcobe lokho esinakho phakathi kwethu, lokho kukholwa, ekuphileni kokumesaba uNkulunkulu, okwahlukaniselwe uKristu!

105 Manje, nokukholwa okunje njengalokhu ayenakho, waqaphela, futhi wathatha lokho kuthukwa ngokuthi kuludumo.

106 Namhlanje, omunye umuntu angathi, "Heyi, ungomunye walabo bantu, labo na?"

"E, e, awu, e." Uthe nje ukuba namahloni amancane ngakho.

107 Kodwa wakuthatha ngokuthi kuyingcebo enkulu kunalolonke izwe, ngenxa yokuthi kwakukhona into ethize kuye ayengayikhuluma izwakale futhi athi, "Yebo, ngi—ngikuthatha ngokuthi kunjalo lokhu. Lokhu kuhlonishwa kakhulu.

Ngiyajabula ukuba ngomunye wabo." Niyabo? "Ngiyajabula ukuzibala njengomHeberu futhi hhayi umGibhithe."

108 AmaKristu namhlanje kufanele asho into efanayo. "Ngiyajabula ukuzithatha ngokuthi ngingumKristu, ukuba ngizithibe ezintweni zezwe nenqubo yezwe. Hhayi njengelunga lebandla nje, kodwa njengomKristu ozelwe ngokusha ophila njengokomBhalo. Nakuba ngingabizwa, ngisho nangamalunga ebandla, 'ngohlanya,' nokho ngi—ngi—ngithi leyonto enkulu—enkulu kunalokho ukuba bengingumuntu othandwa kakhulu kakhulu ngabantu edolobheni noma esizweni. Ngingaqoka ukuba yilokho kunoMongameli weUnited States, noma—noma inkosi phezu komhlaba. Niyabo? Ngi—ngithi lokho kungokuphakeme kakhulu, ngoba uNkulunkulu esihawini saKhe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe—kwezwe, wangibona, futhi—futhi wabeka imbewu encane phakathi lapho, ukuthi ukukholwa kwami kuyondiza ngaphezu kwalezizinto zezwe. Futhi manje Ungibizile, futhi ngi—ngiyayazisa indawo yami."

109 NjengoPawulu wathi, wasazisa isikhundla sakhe ngokuphakeme . . . niyabo, futhi, o, ukuthi uNkulunkulu wayembizile esuka ekubeni nguthisha omkhulu njengoGamaliyeli. Kodwa uPawulu wayekade ebizelwe ukuba ngumhlatshelo kaKristu. Niyabo? Manje into efanayo.

110 Qaphelani, nokukholwa okunje, akazange athembele ekuboneni kwakhe, kulokho ayengakubona. Manje, akabonanga lutho phandle lapho kodwa isigejane sa—sabantu abaphatha udaka, izigqila, etilongweni, bebulawa nsuku zonke, beshaywa ngezitswebhu, kuhlekiswa ngabo, izinkolelo zabo zezenkolo, kwaku "yizinhlanya." Futhi kwakukhona ufaro ehlezi esihlalweni sobukhosi, owayengamazi noma azise noma yini ngenkolo yabo. Wayengazi lutho ngakho. Wayengumhedeni, ngakho uvele nje . . . Isithombe esinje pho sanamhlanje! Futhi nanso, inkolo ehlukile. Nokuthi kanjani uma—uma loMose, nokho ekuso impela isihlalo enomongameli, noma i—noma indoda enkulu, uFaro, ukuthatha indawo yakhe ekufeni kwakhe, futhi wayeyindoda endala. Futhi nokho uMose wacabanga ukuthi lolobizo . . . Wabuka phandle lapho, nefasitela elifanayo uFaro abuka phandle ngalo, ngoba wayesekhaya lakhe.

111 NoFaro wabuka phandle futhi ubabonile labobantu ababephakamisa izandla zabo, futhi babethatha isitswebhu futhi babashaye baze bafe ngoba babekhuleka. Babebabhokoda ngenkemba ngoba babehluleka ngisho, ukungalaleli nganoma yisiphi isikhathi, futhi bebenza basebenze imizimba yabo emidadlana ize iwele ngaphandle, futhi babanike uhhafu owenele ukuba badle. "Awu, babengelutho kepha isigejane sezinhlanya, bengesibo impela abantu."

112 Futhi nokho uMose, lokho kukholwa okukuye, wabuka phezu kwabo, wayesethi, "Bangabantu ababusisiweyo

bakaNkulunkulu." Amen. Ngiyakuthanda lokho. Enokukholwa okunjalo, amehlo akhe awazange athathwe ubukhazikhazi baseGibhithe, lathathwa yisithembiso sikaNkulunkulu. Iso lakhe lokhozi lokukholwa libone ngaphambili le kobukhazikhazi baseGibhithe. Yena, khumbulani, uba wukhozi manje. Ungumprofethi, neso lakhe lokhozi liphakamela ngaphezulu kwalezozinto. O ngikuthanda kanjani lokho! Mm! He!

113 Kukangaki namhlanje, namhlanje, amaKristu athembela emizweni yawo, nakulokho angakubona, noma lokho angakuqonda, esikhundleni sokukholwa kwawo, ukwethembela kulokho okubona ngeso lakho nobukhazikhazi. Njengani besifazane, njalo ngibiza kini, ngokuthi nifanele niyeke izinwele zenu zikhule, anifanele nizipende ubuso, nifanele niziphathise okwamanenekazi namaKristu. Nibuka phandle emgwaqeni bese nibona abesifazane namhlanje begqoke ngokungenasimilo. Awu, niyacabanga, "Awu, ungowesonto, ngingekwenze ngani lokho mina na?" Niyabo? "Futhi ugunda izinwele zakhe, ngingekwenze ngani—ngani mina lokho na? Awu, ubonakala emnandi nje futhi nje ehlakaniphe kakhulu, nobuntu engingenabo ngisho. Awu, ngingekwenze ngani mina lokho na? Bengifanele ngikwenze." Uma wenza lokho, ukhubaza ukukholwa kwakho. Niyabo? Awukunikezi ukukholwa kwakho ithuba ukuba kukhule. Qala kulokho, njengoba ngishilo.

114 Omunye wathi, "Mfowethu Branham, izwe, abantu, bakuthatha ngokuthi ungumprofethi. Awufanele ukubhavumulela abesifazane kanjalo, nabesilisa, ngalezizinto. Wena, ubufanele ukubafundisa ukuthi ku—kuprofethwa kanjani nokwemukela iziphiwo."

115 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa bebebengabazi ngisho oABC babo na?" Niyabo?

116 Manje nje qala kulokho. Zihlanze wena ukuze ukuthi uma uphuma uhamba emgwaqeni ubukeke njengomKristu, empeleni, uyabo, bese-ke uhambe uziphathe njengaye. Uyabo? Futhi ungeke ukwenze phakathi kwakho uqobo. Kufanele kube noKristu ofika phakathi kwakho. Futhi uma leyombewu ilele phakathi lapho, nalokho kuKhanya kuyishaya, izoza ekuPhileni. Uma ingezi ekuPhileni, kwakungekho lutho lapho ukuba kuze ekuPhileni. Ngoba, yakufakazisa impela kwabanye, niyabo, iza ekuPhileni masinya ukuKhanya kungayishaya.

117 Lokho kungukukhuzwa kwabesifazane, ngiyazi, olalele kuleteyipu, noma oyoyilalela. Kungukukhuzwa kuwe, dade. Kufanele. Kufanele, ngoba kuyakhombisa. Angikhathali ukuthi wenzeni; ungahle ukuba ubungowenkolo, yonke impilo yakho, ungahle ukuba uhlale ebandleni, uyihlo angaba ngumfundisi, noma indoda yakho ingaba ngumfundisi; kodwa inqobo nje uma ungalaleli i—iZwi likaNkulunkulu, kukhombisa ukuthi akukho

kuPhila lapho. Uma ubona into ikhishwa, nokuPhila kukaMoya oNgcwele, Kubhekisise uma Kushaya abanye. Ubone ukuthi benzani, uma Kukuletha phezu kwab. Akumangalisi ukuthi kungani . . .

118 Ukukhuzwa oku—okunje pho kulabobaFarisi, ababiza uJesu, ngenkathi Ayekwazi ukubona imicabango yabo, Wababiza, "Belzabule."

119 Nalesosifebe esincane sathi, "Ngani, loMfo unguMesiya. UmBhalo uthi Uyokwenza lokhu." Niyabo, leyombewu emiselwe ngaphambili yayilele lapho. Futhi ngenkathi ukuKhanya kuyishaya, iza ekuPhileni. Ungeke wayigcina phansi. Ungeke wafihla ukuPhila.

120 Ungathatha futhi uthele ukhonkolo phezu kwesixha sotshani, futhi ububulale ngesikhathi sasebusika. Ngentwasahlobo elandelayo, bukuphi utshani bakho obuningi kakhulu na? Ngokuzungeza umphetho ngqo kakhonkolo. Isizathu, leyombewu eqhumile phansi kwalelotshe, uma ilanga liqala ukukhanya, ungeke wayibamba. Iyoshobiza indlela yayo izungeze iphumele lapho bese iza ngqo iphumele emphethweni walokho bese imisa mpo ikhanda layo enkazimulweni kaNkulunkulu. Niyabo, ungeke wafihla ukuphila. Uma ilanga lishaya impilo yezimila, izofanele iphile.

121 Futhi uma uMoya oNgcwele ushaya ukuPhila kwangokomBhalo okukumuntu, kuveza isithelo sakho khona lapho. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Niyabo?

122 Ngakho kungakhathaleki ukuthi uqinise futhi uqotho kangakanani, ukuthi usho kanjani ukuthi awunjalo, futhi ukhuluma, uthi babe . . . Laba besifazane begqoka lezi—lezizingubo ezimbi nezinto phandle lapho, nje ohhundula izingubo ojwayelekile, womgwaqo. Nakuba, ungakholwa ukuthi unguye, ungeke wazenza ukholwe. Ungafakazisa ukuthi umsulwa ngokuphinga, kodwa, eNcwadini kaNkulunkulu, uyaphinga. UJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe vele." Futhi uziveze wena ngaleyondlela. Uyabo, ungeke wakubona ngaphandle uma lokho kuPhila kulele lapho.

123 Ubuka omunye umuntu, uyabuka bese uthi, "Awu, ngiyamazi uDade Jones. UMfowethu Jones uyi . . . Ungumfundisi. Umkakhe wenza *lokhu* futhi wenza *lokho*."

124 Angikhathali kuthi *lokho* kwenzani; Leli yiZwi. UJesu wathi, "Onke amazwi omuntu mawabe ngamanga, nawaMi abe yiqiniso." YiBhayibheli. Futhi uma lokho kuKhanya ngempela kuyishaya, izofanele ize ekuPhileni. Izofanele nje ize ekuPhileni.

125 Manje, iso elikhulu likaMose, iso lakhe lokhozi, labuka ngaphambili le kobukhazikhazi baseGibhithe.

126 Ikholwa elingumKristu wangempela namhlanje, akunandaba ukuthi ibandla lithini, ukuthi omunye umuntu uthini; uma lokho kuKhanya kukushaya, babona khona impela ukuqinisekisa kukaNkulunkulu, leyoNsika yoMlilo ilenga lapho, nezibonakaliso nezimanga okwathenjiswa, umBhalo ubekwa, futhi uza ekuPhileni; akunandaba ukuthi kuncane kangakanani, nokuthi bangaki engcosaneni ngesibalo. Iqembu likaNkulunkulu njalo beliba sengcosaneni ngesibalo. Niyabo? "Ungesabi, mhlambi omncane—omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukunipha uMbuso." Niyabo? Bayakubamba. UNkulunkulu ubophezelekile ukubathumela phakathi bevela kuwo onke amahlelo, lonke uhlelo ndawozonke, ukuWubona, uma bemiselwe ukuPhila.

127 Bukani uSimiyoni omdala, emiselwe ukuPhila. Ngenkathi uMesiya engena ethempelini, ngesimo sengane ezingalweni zikanina; uSimiyoni, emuva ekamelweni ndawondawo, efunda. UMoya oNgcwele wamphakamisa, ngokuba wayelindile. Lokho kuPhila kwakukuye. Wathi, "Angiyikufa ngize ngibone uKristu weNkosi." Futhi nakho kwakukhona uKristu weNkosi ethempeleni. UMoya oNgcwele wamhola esuka emsebenzini wakhe awumiselwe, waphuma, wayesehamba ehlela lapho wayesequkula leyongane, wayesethi, "Sale—sale usumukisa inceku yaKho ngokuthula, ngokuba amehlo ami abona insindiso yaKho."

128 Kwakukhona owesifazane omdala oyimpumputhe ekhoneni, ogama linguAna, owakhonza iNkosi imini nobusuku. Wayebikezela futhi, futhi ethi, "UMesiya uyeza. SengiyaMbona eza." Nokho, wayeyimpumputhe. Ngalesosikhathi esifanayo, ngenkathi Elapho . . . Lokho kuPhila okuncane okwakukuye, okwakubikezela, "Kuyobakhona! Kuyobakhona! Kuyobakhona!" Manje-ke, lokho kuPhila okufanayo, ukuKhanya kungena endlini, ngesimo seNgane, njengo "mntwana ozalwe ngaphandle komshado," esongwe ngezimbeleko zaKhe, eza edabula endlini. NoMoya oNgcwele washaya lowo wesifazane omdala oyimpumputhe, futhi uza ngoMoya, eholwa edlula kubantu, wayesema engama leNgane; wayesebusisa umama wayesebusisa iNgane, wayesesho ukuthi liyakuba yini ikusasa laYo. Niyabo, emiselwe ukuPhila! Niyabo?

129 Babukeni, lalingekho idazini labo. Kwakukhona kuphela imiphefumulo eyisishiyagalombili eyasindiswa ngosuku lukaNowa, kul'khuni ukuba babe baningi kakhulu, kodwa wonke lowo owayemiselwe ukuPhila ungena ngalesosikhathi. Niyabona ukuthi uMoya oNgcwele usebenza kanjani onyakeni ngamunye, udonsa abantu.

130 Manje sithola ukuthi ukukholwa kukaMose kwamholela ukuba abhekisise okwakuzoba yikho, hhayi okwakuyikho. Buka ikusasa esikhundleni senamhlanje. Buka isithembiso

esikhundleni sobukhazikhazi. Buka abantu esikhundleni senhlangano. Niyabo? UNkulunkulu wenza lokho.

131 ULoti wayengabubona ubukhazikhazi bempumelelo ezansi eGibhithe, noma ezansi eSodoma. ULoti wayengakubona okunokwenzeka kwe—kwe. . . kwenqwaba ye—yemali. ULoti wayengayibona ipros-. . . okunokwenzeka kwangenkathi ebuka ngale eSodoma futhi mhlawumbe wayengaba. . . Lokhu wayengumHeberu, wayengahle abe yindoda enkulu lapho, ngoba wayeyisimo sokuhlakanipha okukhulu, nendodana yomfowabo kaAbrahama, ngakho wakhetha ukuya ngaseSodoma. Izinhlakanipho zikaLoti zamholela ekubeni abone ubukhazikhazi be—bempumelelo. Izinhlakanipha zikaLoti zamholela ukuba abone isibusiso so—sobukhazikhazi. Kodwa, ukukholwa kwakhe kwakhutshazwa kakhulu yibo, akawubonanga umlilo owawuzobhubhisa lolohlobo lokuphila.

132 Naleyo yindlela abantu abayiyo namhlanje. Bayakubona ukuba nokwenzeka kokuba senhlanganweni enkulu, bayakubona ukuba nokwenzeka kokuba nokuma kwenhlaliswano nabantu bedolobha, kodwa abakuboni possibil-. . . Ababoni ukuthi ukukholwa kwabo kukhubazekile. Ake ngikuphinde lokho ukuze kungaqondwa ngokungesikho. Abesifazane namhlanje, bona, njengoba ngisho, bafuna uku—bafuna ukuziphathisa okwezingcweti zamabhayisikobho. Abesilisa namhlanje bafuna ukuziphathisa okwabahlekisi betelevishini.

133 Abashumayeli namhlanje babonakala befuna ukwenza amabandla abo njengelinye idlangala lesimodeni lohlobo oluthize, ubulunga kanjalonjalo. Babona ukuba nokwenzeka kokuba mhlawumbe kokuba ngumbhishobhi noma umbonisi omkhulu, noma into efana naleyo, uma beyohambisana nebandla; beshiya imiBhalo, ube Ubekwe ngqo phambi kwabo, unokuqinisekiswa ngempela ngaMandla kaNkulunkulu, nangeZwi likaNkulunkulu eliphilayo liphila kubantu. Nokho, abaLifuni. Bathi. "Asifuni ukuxubana nento enjengaLeyo." Kungathatha ikhadi labo lenhlanganyelo. Kungathatha inqubo yabo yehlelo. Nokho indoda eqotho, njengoLoti, ehlezi ezansi eSodoma, azi ukuthi lokho akulungile. Niyabo? Niyabo? Benzani uma benza lokho na? Bakhubaza ukukholwa okuncane ababenakho. Ngeke kwasebenza.

134 Manje, uMose uyaqhela kulokho, futhi wabeka. . . ukukholwa kwakhe kwakhubaza izwe.

135 Kuphakathi kokuthi ukukholwa kwakho kuyokhubaza ubukhazikhazi, noma kuphakathi kokuthi ubukhazikhazi buyokhubaza ukukholwa kwakho. Manje, ufanele uthathe okukodwa noma okunye. Futhi uyabo iBhayibheli aliguquki. UNkulunkulu akaguquki. UnguNkulunkulu ongaguqulekiyo.

136 Futhi manje siyathola, namhlanje, ukuthi abantu balolusuku, niyabo, babuka izinto ezinkulu, inhlangano enkulu. "Ngingoka *S'bani-bani*." Niyabo? Futhi behlela lapho, futhi, bukani, akukho kwehluka kubantu basemgwaqeni. Azikho ezinye izinto. Banento ethize encane ehlakaniphile, bese beqhubeka. Uma ukhuluma ngokuphilisa kukaNkulunkulu, iNsika yoMlilo, ukuKhanya kukaNkulunkulu, bathi, "Lokho ngokwengqondo."

137 Indoda yacosha isithombe seNgelosi yeNkosi, ngoluny'usuku, umfundisi oyiBaptisti, wayeseSihleka. Niyabo, lokho ngu—lokho ngukuhlambalaza. Niyabo? Akukho ntethelelo ngalokho.

138 Yilokho uJesu akusho, niyabo. Kungukuhlambalaza; uma uKubona kwenza yona impela imisebenzi uKristu ayenza. Futhi Wathi . . . Ngenkathi, beyibonile leyomisebenzi kuKristu, WayenguMhlatshelo, futhi baMbiza ngo "Belzabule, idemoni," ngokuba, ngoba Wayekwenza. Futhi manje bathi . . . Wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho. Kodwa uma uMoya oNgcwele efika ukwenza into efanayo, nikhuluma izwi elimelene naWo, anisoze nathethelelwa khona, kulelizwe noma izwe elizayo." Niyabo? Izwi elilodwa nje yilo kuphela ozolisho elimelene naWo. Niyabo? Bese kuthi-ke . . .

139 Ngoba, uma lokho kuPhila, uma ubumiselwe ukuPhila okuPhakade, khona-ke lokho kuPhila kuyoqhuma kuvele uma uKubonile. UbuyoKuqonda, njengowesifazane omncane emthonjeni, na—nabanye abahlukene. Kodwa uma kungekho lapho, kungeke kweza ekuPhileni, ngokuba akukho lutho lapho ukuba kuze ekuPhileni nakho. Njengomama wami omdala wayevame ukuba athi, "Ungeke walithola igazi kutheniphu," ngoba akukho-gazi kuwo. Manje, leyo yinto efanayo.

140 Futhi kukhubaza lokho kukholwa okuncane onakho. ULoti wayekwazi ukubona ubukhazikhazi, kodwa wayengenakho ukukholwa okwenele ukubona umlilo owawuzobhubhisa ubukhazikhazi obunjalo.

141 Angazi noma ngabe sinakho yini namhlanje na? Angazi noma thina, awu, njengabesifazane ofuna ukuthandwa ngabantu, ofuna ukuziphatha njenga—ngabobonke abanye besifazane ebandleni, uma bebona ukuthi bafuna uku—ukuziphatha njengabo bonke abanye. Ba—bangakubona ukuba nokwenzeka kokuba ngo—ngo—ngowesifazane omuhle kakhudlwana, ngokupendwa. Bangambona owesifazane omuhle kakhudlwana ngokuba nokubonakala emusha kakhudlwana, ngokugunda izinwele zabo futhi beziphathisa okwabanye abathize, noma ingcweti yamabhayisikobho. Kodwa angazi noma lokho akukukhubazanga yini ukukholwa kwabo, ukwazi ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi, "owesifazane owenza lokho uyi un- . . . owesifazane ohlazisayo," futhi,

"owesifazane ogqoka ingubo engoyowesilisa, uyisinengiso phambi kukaNkulunkulu," amabhulukwe amasleks, nokunye nokunye, nezikhindi abazigqokayo. Futhi—futhi nje kuba ngokunesikofu kakhulu kuze kube yimidanti evamile yabantu bekwenza. Angazi noma abakukhubazi yini khona impela ukukholwa okuncane obunakho, ngisho nokuya esontweni, niyabo. Yileyonto okuyenzayo.

142 ULoti wakwenza lokho, futhi kwamkhubaza, futhi kwakhubaza abantu bakhe ezansi lapho. Abakwazanga ukukubona.

143 Kodwa uAbrahama, eno—nokukholwa okuqinisekisiwe, umfowabo kababa wakhe, akabukanga ubukhazikhazi, wayengafuni lutho lokuzihlanganisa nakho, nakuba wayedingeka aphile kal'khuni futhi aziphilele yena. NoSara waphila phandle ehlane lapho okwakuyimihambo el'khuni, emhlabathini owomile. Kodwa ababubonanga ubukhazikhazi noma ukuba nokwenzeka kokuba ngothandwa ngabantu.

144 USara, owesifazane omuhle kunabo bonke ezweni, iBhayibheli lasho njalo. Wayemuhle, omuhle kunabo bonke abesifazane. Futhi manje waze wahlala ngisho futhi walalela indoda yakhe, kuze kube ngisho nokuthi wambiza nge "nkosi" yakhe, iBhayibheli elibhekisela kuye, kuyothi ngqu ngale e—eTestamenteni eLisha; lathi, "Eningamadodakazi akhe nina, inqobo nje uma nilalela ukukholwa." Niyabo, wabiza indoda yakhe nge "nkosi" yakhe.

145 NeNgelosi yeNkosi ivakashela ithempeli labo ne... noma ithende labo elincane phandle lapho, futhi yabatshela. Babengenayo ngisho nendlu ukuba bahlale kuyo; behlala phandle emazweni omile. Futhi nakho lapho okhona. Uyalubona usuku olwenziwe iphethini lubuya futhi, impela nje njengoba lwalunjalo ngaleyonkathi na?

146 Manje, uMose nokukholwa kwakhe okukhulu, futhi, wayengathi "qhabo" ezintweni zamanje zezwe lamanje, futhi enze ukukhetha okulungileyo. Wakhetha ukuhlupheka izinhlupheko nabantu bakaNkulunkulu. Wakhetha ukuhamba nakho. Ngani na? Ukukholwa kwakhe! Wabona isithembiso. Wabona isikhathi sokuphela. Wabona ngale kuyikusasa, futhi wadedela ukukholwa kwakhe. Futhi akakunakanga lokho amehlo akhe akubona kokunokwenzeka lapha, ukuthi wayengufaro futhi wayezoba ngufaro. Wabuka wayothi ngqu ngale kuyikusasa.

147 O, ukuba abantu babengenza lokho kuphela, akalibonanga izwe lamanje. Uma ubuka izwe lamanje, wenza ukuzikhethela ngalo. Fihla amehlo akho kulokho, bese ubuka isithembiso sikaNkulunkulu, le ngale kuyikusasa.

148 Ngokukholwa kwakhe wakwazi ukukhetha. Wakhetha ukubizwa ngendodana kaAbrahama, futhi wala ukubizwa

ngendodana kaFaro. Wayengakwenza kanjani, lapho wonke umbuso jikelele. . .IGibhithe lalibhaxabule izwe. Wayeyinkosi yezwe, futhi wayeyinsizwa eneminyaka engamashumi amane ubudala, lapha elungele ukuthatha isihlalo sobukhosi. Kodwa akazange abuke eyakhe i intell-. . .

149 Abuke abesifazane ababeyocambalala ngakuye, usuku nosuku, izigodlo zabo. Abuke ubukhazikhazi; ahlale futhi aphuze iwayini, futhi abukele abahhundula izingubo phambi kwakhe, lapho bedansa, futhi bemphephetha nge. . . Nabesifazane abavela emhlabeni wonke jikelele, nobucwebe namagugu, impi yakhe phandle lapho. Into kuphela ayedingeka ayenze ngukuhlala futhi adle ukudla kwakhe okuhle, futhi athi, "Thumelani i. . .thumelani isibalo *esithize-thize* samabutho alinde inqaba empi ezansi ku *s'bani–bani*, athathe lesosizwe. Ngikholwa ukuthi ngiyasifuna nje." Yilokho kuphela ayedingeka akwenze. Ahlale lapho, futhi bona bemphephetha, futhi avule umlomo wakhe; adedele a—abathandekayo, abahhunduli bezingubo abahle bangalolosuku, bathele iwayini emlonyeni wakhe, bamphakele ukudla kwakhe bemgaxile, bonke abesifazane abahle kunabo bonke ezweni. Bonke ubukhazikhazi obabukhona, babulele ngqo lapho ngakuye.

150 Kodwa wenzani na? Wabuka wasuka kulokho. Wayazi ukuthi umlilo wawulapho usulungele lokho. Wayazi ukuthi ukufa kwakulele kulowomugqa. Niyabo? Wazi ukuthi kwakuyikho. Futhi wabuka ngale esigejaneni esidelelekile nabantu abalahliwe, futhi ngokukholwa wakhetha ukuhlupheka kokuthukwa kukaKristu, futhi wazibiza ngokuthi, "Ngiyindodana kaAbrahama. Angisiyo indodana kalofaro. Nakuba ungenza umbhishobhi, noma idikoni, noma umbhishobhi omkhulu, noma uphapha, angisiyo indodana yalento. Ngiyindodana kaAbrahama, futhi ngizehlukanisa nezinto zezwe." Amen, amen, futhi amen! Ngokukholwa, wenza lokho!

151 Wasusa ubukhazikhazi. Wathatha ukuba nokwenzeka kokuba ngumbhishobhi olandelayo, wathatha u—ukuba nokwenzeka ukuba ngumbhishobhi omkhulu olandelayo, noma umbonisi omkhulu olandelayo okhethweni olulandelayo, noma ngabe kwakuyini, wakususa lokho. Wala ukukubuka.

152 "Manje, uma ngiba ngumbhishobhi, ngizohamba ngingene nabantu bathi 'Fata Ocwebileyo,' noma—noma 'Dokotela *uS'bani-bani*,' noma—noma—noma—noma 'Lunga elidala u*S'bani-bani*.' Bayoba kanjani, bonke abefundisi embuthanweni, bayongimbambatha emhlane, futhi bathi, 'Awusho, mfana, lowomfo unento ethize, ngiyakutshela. O, sh-sh-sh, thula du, nangu umbhishobhi eza, uyabo. Akushoyo, lokho kungumthetho. Uyabo, nangu *S'bani-bani* eza.'" Abantu bayondiza phezu kwezwe ukuba babe yi. . .babone uphapha, futhi bange unyawo nezindandatho, nokunye nokunye. Kanjani,

okunokwenzeka okunje pho kuyiKatolika, okunokwenzeka okunje pho kwiProtestane, ukuba ngumbhishobhi noma umbonisi omkhulu, noma okuthize, indoda ethize enkulu enhlanganweni.

153 Ebuka, nokho, kodwa, uyabo, iso lokukholwa libuka ngale ngaphezulu kwalokho. Futhi ubona ukuphela kwakho ezansi lapho, okungukuthi, uNkulunkulu uthi yonke into izobhujiswa. Ukukholwa, leloso lokhozi, likuphakamisela ngaphezu kwalokho, futhi ubona ikusasa, hhayi inamhlanje, futhi ukhetha ukuba ubizwe ngendodana kaAbrahama.

154 UFaro, engenakukholwa, ubone abantwana bakaNkulunkulu njenge "zinhlanya." Akukho kukholwa, wabenza izigqila ngoba wayengakwesabi akushilo. Wayengamesabi uNkulunkulu. Wayecabanga ukuthi wayengunkulunkulu. Wayecabanga ukuthi onkulunkulu bakhe—bakhe ayebakhonza, ukuthi wayengumbhishobhi, wayeyinhloko yombonisi omkhulu, onkulunkulu bakhe nguye owakwenzayo. "Akukho lutho kuLento *lapha*," ngakho wabenza izigqila. Wabahleka, wahlekisa ngabo. Njengoba nje abantu benzile namhlanje, into efanayo impela.

155 Ukukholwa kukaMose kubabone ezweni elithenjisiwe, abantu ababusisiwe. Ngahle kube ukulwa okul'khuni ukubayisa esithembisweni, kodwa uMose wakhetha ukuhamba nabo. Bengingabeka kanjani kulokho, kodwa isikhathi sami siyabaleka. Niyabo?

156 Qaphelani, kungahle kube yinto el'khuni ukujikisa lababantu. "Uzofanele uhambe uphile nabo, uzofanele ube ngomunye wabo, futhi sebevele bahlakaniphe kakhulu ngangokuthi ngeke wabanyakazisa. Uyabo? Kodwa kuzofanele kubekhona into ethize eyenzekayo phandle lapho. Kuzofanele kube nokubonakaliswayo okungaphezu kwemvelo phambi kwabo. Kuzoba yinto el'khuni. Izinhlangano zizokwala, nazo zonke lezizinto zizokwenzeka. Ku—kuyesabeka, ozokwenza, kodwa nokho yenza ukukhetha kwakho."

157 "Ngingomunye wabo." Ya. Ukukholwa kwakhe kwakwenza lokho. Ukukholwa kwakhe kwaqhuma izinhlansi. Yebo, mnumzane. Wakubona. Kwakuyinto el'khuni ukubayisa kulesosithembiso, kodwa wathatha ukukhetha kwakhe ukuba ahambe nabo, noma kanjani. Kungakhathaleki ukuthi benzani kuye, nokuthi yini bamala, wahamba noma kanjani. Wayephuma nabo.

158 Manje ngithemba ukuthi niyafunda. Kulungile. Hamba nabo, noma kanjani. Yenza, yiba ngomunye wabo, kunjalo, ngoba ngumsebenzi wakho owumiselweyo. Kungahle kube ngukulwa okul'khuni, nenqwaba ukwedlula, kodwa hamba noma kanjani.

159 Kodwa ukukholwa kwakhe kwamhola ukuba athathe ukukhetha kweZwi, futhi hhayi ubukhazikhazi. Wathatha iZwi. Yilokho ukukholwa kukaMose okwakwenza. Nxa ukukholwa kubuka kokubi kunakho konke kukaNkulunkulu . . . Khumbulani, nakhu kwakukhona ubukhazikhazi manje, izwe, eliphakeme kunawo onke, inkosi yezwe. Futhi babekuphi ababethenjiswe nguNkulunkulu na? Emgodini wodaka, abahuqi ngodaka.

160 Kodwa nxa ukukholwa, nxa ukukholwa kubuka kokubi kunakho konke kukaNkulunkulu, kuthi kukhulu kakhulu futhi kunobunani kakhulu kunokungcono okudlula konke izwe elingakukhombisa. Yebo, mnumzane. Nxa ukukholwa kukubuka, nxa ukukholwa kungakubona, nxa ukukholwa eZwini kungabona iZwi libonakaliswa, kungaphezu kwabobonke ubukhazikhazi nobubhishobhi obukhulu nayo yonke enye into ongakhuluma ngayo. Ukukholwa kuyayenza. Niyabo? Ungabona okubi kunakho konke, okudeleliwe, okulahliwe, kokungahle kube noma yini; makube kokubi kunakho konke kwakho, futhi nokho ukukholwa kuyothi lokho kuphakame amamayela ayisigidi kunalokho okungcono okwedlula konke izwe elingakuveza. Amen! Yingaleyondlela esicula ngayo leloculo, “Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi.” Niyabo? O, he!

161 Ngokuba, niyabo, ukukholwa kuyakubona uNkulunkulu afuna kwenziwe. O, ngithemba ukuthi lokhu kuyangena. Ukukholwa akubuki isikhathi samanje. Ukukholwa akuboni lokhu *lapha*. Ukukholwa kubuka ukuba kubone ukuthi uNkulunkulu ufunani, futhi kusebenza ngokufaneleyo. Kwenza lokho-ke ukukholwa. Kubona okufunwa nguNkulunkulu, nalokho uNkulunkulu afuna kwenziwe, nokukholwa kusebenza ngalokho.

162 Ukukholwa kungumbono owuhlu olude. Akukwehlisi ukubona kwakho. Kubambelela kokunenjwayo. Amen! Noma yimuphi umdubuli okahle uyakwazi lokho. Niyabo? Lokho ngukuthi, kuwuhlu olude. Kuyi—kuyisibonisa kude. Kuyisipopolo, ongabuki khona *lapha*. Awusebenzisi izipopolo ukubuka ukuba ubone ukuthi sikhathi sini; uyabo, awukusebenzisi lokho. Kodwa usebenzisa izipopolo ukubuka kude le.

163 Nokukholwa kwenza lokho. Ukukholwa kucosha izipopolo zikaNkulunkulu, zombili, macala omabili, iTestamente eLisha neLidala, futhi kubona zonke izithembiso Azenza. Nokukholwa kusibona phandle ngaleya, nokukholwa kukhetha lokho kungakhathaleki ukuthi inkathi yamanje ithini *lapha*. Ubuka ekupheleni. Akakuqathazi ukubona kwakhe phansi ukuba abuke *ngapha*. Ubuka phandle ngaleya. Ugcina ucingwana lokubuka lumi ngqo esenta eZwini. Kwenza lokho-

ke ukukholwa. Lokho ngukukholwa okukumuntu okwenza lezozinto.

164 Manje bhekisisani. Lokho uFaro akubiza, kokubiza, lokho uFaro akubiza ngokuthi *kukhulu*, uNkulunkulu wakubiza "ngesinengiso!" UFaro wayengathi, "Buka, Mose, lapha, ngani, ungufaro olandelayo. Ngi—ngikunika lentonga uma sengihamba lapha. Nginikeza lentonga yobukhosi. Ngeyakho. Uyabo? Manje, lokhu kukhulu. Uzoba ngumuntu omkhulu, Mose. Uzoba ngumbhishobhi. Uzoba *yilokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Ungasishiyi. Wena hlala lapha." Kodwa, niyabo, wakubiza lokho ngokuthi *kukhulu*, noNkulunkulu wathi "kwakuyisinengiso."

165 Manje, nina besifazane cabangani umzuzu, kanjalo, wena silisa. Lokho izwe elikubiza ngokuthi *kukhulu*, uNkulunkulu ukubiza "ngamanyala." Alisho yini iBhayibheli, "Kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa"? Futhi nicabanga ukuthi nihlakaniphile ekukwenzeni. Niyabo? Niveza obala nje inyama yowesifazane nenzele idemoni, futhi yilokho kuphela. Ngakho, ningakwenzi.

166 Nani besilisa eniphila ngezinto zezwe, futhi niququbale futhi niwotawotane nalokhu! Nani besilisa ningenaso isibindi esenele ngani ukuba nenze omkenu nezinto bayeke ukwenza lokho, ngiyanidabukela! Futhi uzibize ngamadodana kaNkulunkulu na? Kubukeka njengowasesodoma kimi. Niyabo? Kungesikho ukulimaza imizwa yenu, kodwa ukunitshela iQiniso. Uthando luyaqondisa. Njalo lunjalo. Umama ongayikumnakekela umntanakhe, futhi amqondise futhi amthwansule, futhi amenze acabange, akanakho okungako kokuba ngumama kuye. Kunjalo.

167 Manje, futhi bhekisisani ukuthi kwenzekani manje. UMose wakubona lokhu, ngombono wakhe. NoFaro washo ukuthi, "*Lokhu* kukhulu." UNkulunkulu wathi, "Kuyisinengiso." Ngakho uNkulunkulu. . .UMose wakhetha lokho okwashiwo nguNkulunkulu.

168 Manje, qaphelani, ukukholwa kubona lokho uNkulunkulu afuna ukubone. Niyabo? Ukukholwa kubona okubonwa nguNkulunkulu.

169 Nokuzindla nemizwa kubona lokho izwe elifuna ukubone. Qaphelani ukuzindla, "Ngani, kuwumuzwa womuntu kuphela. Kuyiwona kuphela—kuphela umzindlo wokuthi lokhu. . .Awu, *lokhu* akukuhle yini nje nakho na?" Niyabo? Lokho yikho nje impela, uma usebenzisa leyomizwa ophambene neZwi, uyabo, khona-ke yilokho izwe elifuna ukubone.

170 Kodwa ukukholwa akubuki lokho. Ukukholwa kubuka lokho okushiwo nguNkulunkulu. Niyabo? Niyazi, ulahla phansi imizindlo.

171 Imizindlo, umuzwa ozindlayo, ubona lokho izwe elifuna ukubone, ihlelo elikhulu. Awu, ungumKristu na? "O, ngi—

ngiyiPresbyterian, iMethodisti, iLuthela, nePentecostal, noma yimaphi amanye. Ngiyi*lokhu*, *lokho,* noma *okunye*." Niyabo, lokho, lokho yimizwa. "Ngisonta ebandleni lokuqala, niyabo. O, ngiyiKatolika. Ngi—ngiyi*lokhu*, *lokho*." Niyabo, nisho lokho. Manje, lokho, lokho yimizwa. Nithanda ukusho lokho ngoba yihlelo, into ethize enkulu. "Awu, si—si—sinamaningi amalunga, cishe, kunanoma yiliphi ibandla ezweni, niyabo. Si . . . "

172 Kodwa linye kuphela iBandla langempela, futhi awuLijoyini. Uyazalwa kuLo. Uyabo? Futhi uma uzalwa kuLo, uNkulunkulu ophilayo uzisebenza Yena uqobo ngawe, futhi Ezenza aziwe. Niyabo? Uhlala lapho-ke uNkulunkulu, eBandleni laKhe. UNkulunkulu uya eBandleni nsuku zonke, nje uhlala eBandleni. Uhlala kuwe. Wena uyiBandla laKhe. Wena uyiBandla laKhe. Wena uyiTabernakele uNkulunkulu ahlala kulo. Wena uyiBandla likaNkulunkulu ophilayo, wena uqobo. Futhi uma uNkulunkulu ophilayo ehlala esidalweni saKhe esiphilayo, khona-ke ukwenza kwakho kungokukaNkulunkulu; uma kungesikho, khona-ke uNkulunkulu akekho phakathi lapho. Ubengekwenze wenze kanjalo, nxa Esho eZwini lapha, iplani yaKhe, "Ungakwenzi," futhi uhambe ukwenze. Uyabo, lokho akulungile. Uma ukuphika, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi ukuPhila akukho ngisho nakuwe. Uyabo? Kunjalo.

173 Ukukholwa kwaholela uMose endleleni yokulalela. Qaphelani, uMose wenza . . . Nango uFaro osemncane, nango uMose osemncane, bobabili benethuba. UMose ubone ukuthukwa kwabantu, futhi wakubala ngokuthi kuyingcebo enkulu kunayo yonke iGibhithe elalinayo. Futhi yena, eholwa ngukukholwa, walandela lokho ukukholwa kwakhe okwakusho eZwini, futhi kwamholela endleleni yokulalela, futhi ekugcineni ukuya eNkazimulweni, ongaseyikufa, ukuba angabe esafa neze, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Ukubona nemizwa, kwahola, nobukhazikhazi, kwaholela uFaro ekufeni kwakhe, nembubhiso yaseGibhithe, isizwe sakhe, futhi asikaze sibuye kusukela lapho.

174 Nakho lapho okhona. Buka *lokhu*, uyafa. Buka Lokho, uyaphila. Manje yenza ukukhetha kwakho. Leyo yinto efanayo uNkulunkulu ayibeka phambi kukaAdamu noEva, eNsimini yaseEdene. Niyabo? Ngokukholwa, ufanele wenze ukukhetha kwakho.

175 Manje qaphelani, ukubona kwaholela uFaro ekufeni kwakhe, nasekubhujisweni kwedolobha lakhe.

176 UMose, nokukholwa kwakhe, akazange amesabe uFaro. Niyabo? Wayengakhathali ukuthi uFaro wathini. Wayengakhathali ngoFaro, kungengaphezu kokuthi unina noyise babengakhathali ngezinsongo zabo. Ngenkathi uMose eqiniswa kuye, futhi wayeyilowomuntu owakhulula iGibhithe . . . noma ohola uIsrayeli aphume eGibhithe, wayengakhathali neze ukuthi uFaro wathini. Wayengamesabi.

Amen, amen, amen! Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

177 Akukho kwesaba ekukholweni. Ukukholwa kuyazi ngakho. Ukukholwa, njengoba bengihlale ngisho, kunezinkonyane ezinkulukazi, neziboya esifubeni. Ukukholwa kwathi, “Thula!” futhi wonke umuntu uyathula. Yilokho kuphela. “Ngiyazi lapho engikhona!”

Bonke abanye babo bathi, “Awu, manje, mhlawumbe uyazi.” Uyabo?

178 Kodwa uzofanele usukume futhi ukhombise izinkonyane zakho. Yilokho kuphela. Ukukholwa kuyakwenza.

179 Qaphelani, uMose akazange amesabe uFaro emva kokuba uNkulunkulu eseqinisekise ubizo lwakhe. Ngenkathi uMose ekholwa ukuthi wabizelwa lokho, kodwa ngenkathi uNkulunkulu emtshela phezulu lapho, “Kunjalo,” futhi uyehla futhi wakhombisa phambi kukaFaro, nabo bonke abanye babo, ukuthi wayethunyelwe ukukwenza, uMose akazange amesabe uFaro.

180 Qaphelani, uFaro wasebenzisa ukuhlakanipha kwakhe kuMose, nokho. Bhekisisani. Wathi, “Ngizokutshela ukuthini, ngi—ngizokwenza isivumelwano nawe.” Emva kokuba izinhlupheko sezimudle zamqeda, wathi, “Ngizokwenza isivumelwano nawe. Hamba nje wenzele ukuyokhonza okuncane, izinsuku ezintathu. Hamba uye kude kangaka nje, futhi ungaqhubekeli phambili.” Kodwa, uyazi, i. . . Lokho kwakuyimizwa kaFaro eyamtshela lokho, uyabo, “Hamba nje uye kude kangaka, futhi ungaqhubekeli phambili.”

181 Asinalo yini lolohlobo namhlanje na? “Uma nje ujoyina ibandla, lokho kulungile.”

182 Kodwa, niyazi, ukukholwa uMose ayenakho kwakungakholelwa enkolweni “ekude kangaka.” Wathi, “Sonke siyahamba. Sihamba yonke indlela. Kunjalo. Siya ezweni elithenjisiwe. Asiphumeli nje lapha bese senza ihlelo, bese sima. Sihamba siyaqhubeka.” Amen. “Ngiqhubekela ezweni elithenjisiwe. UNkulunkulu wasethembisa.”

183 Bangaki oFaro esinabo namhlanje abemi epulpiti, izinhloko zezinhlangano! “Manje, uma nje nenza *lokhu* futhi nenze *lokho*, yilokho kuphela. Awu, niyabo, kude kangaka nje.”

Kodwa uMose wathi, “O, qhabo! Qhabo, qhabo! Qhabo, qhabo!” Niyabo?

184 UFaro wathi, “Awu, kungani ningakwenzi na? Uma nizoba nalolohlobo lwenkolo, ngizonitshela ukuthi yenzani ini, wena nje namalunga amadala hambani nikhonze, niyabo. Wena nje namalunga amadala hambani nikhonze. Isizathu, nina nonke ningaba nalo lolohlobo lwenkolo, kodwa ningayifaki phakathi kwabantu.”

185 Niyazi ukuthi uMose wathini na? “Akuyikubakho ngisho nenselo eshiywa ngemuva. Sihamba yonke indlela. Sonke siyahamba! Angihambi ngaphandle uma behamba. Futhi, inqobo nje uma ngilapha, ngisezandleni zakho.” Amen. “Angihambi ngaphandle uma bengahamba nabo, futhi yilokho kuphela.” O, inceku eyiqhawe kanje pho! Amen. “Ngifuna ukuhamba nabo. Ngoba nje nginakho, futhi ngihlala phansi futhi ngithi, ‘Awu, manje, *lokhu* kulungile’? Qhabo, mnumzane. Sifuna abantu, futhi. Sonke siyahamba.” Amen. Wathi, “Asizukushiya ngisho zonke izimvu, kumbe noma yini, ngemuva. Akuzukuba-khona nselo esala ngemuva. Sonke siya ezweni elithenjisiwe.” Amen!

186 “Sonke! Noma ngabe ungunkosikazi wekhaya, kumbe noma ngabe u—uyincekukazi encane, kumbe noma ngabe uyisalukazi, noma insizwa, noma ikhehla, kumbe noma ngabe uyini, siyahamba, noma kanjani. Akuzukubakhona namunye wethu osalayo.” Amen. “Sonke siyahamba, futhi asizukumela lutho olunye.” Kunjalo. He! Lezozinkolo yayisekuphikisaneni ngempela lapho, yayingekho na? O, he!

187 Qhabo, uMose akakholelwanga kulena lapha inkolo “nje kude kangaka.” Qhabo, akakholelwanga kuleyo. Hhe-e. Yebo, mnumzane. O, he!

188 Besingahlala usuku lonke kulokho, kodwa ngifanele ngingene endikimbeni yami emva kwesikhashana futhi ngiqale ukushumayela.

189 Qaphelani, qaphelani lokhu, kuhle kanjani! O, ngiyakuthanda lokhu. Niyazi, ekugcineni, uFaro wathi, “Phumani!” UNkulunkulu wamhlupha ngezinhlupheko nje, ngephimbo likaMose. Washaya yonke into. Wenze yonke into eyayikhona ukuba yenziwe. Wamisa i . . . washonisa ilanga, phakathi nemini. Wenze yonke enye into. We—wenza mnyama izinsuku. Waletha amasele, amazeze, omiyane, yonke enye into, umlilo, intuthu, nokufa emindenini yakhe, nakho konke okunye. Wenze yonke into kwaze kwathi, ekugcineni, uFaro waze wathi, “Phumani! Thathani konke eninakho, futhi nihambe.” O, he! Akadunyiswe uNkulunkulu!

190 Ngijabula kakhulu ukuthi umuntu angamkhonza ngokuphelele kakhulu uNkulunkulu aze athi yena, udeveli, angazi ukuthi uzokwenzani ngaye. Kunjalo. Nje wamlalela uNkulunkulu ngokuphelele kakhulu udeveli waze wathi, “O, he, sukani! A—angisafuni ukuphinde ngikuzwe.” Kunjalo. Ungakwenza, ngokuphelele kakhulu.

191 Niyabona manje, ukuba—ukuba uNkulunkulu wayengamesekanga uMose, khona–ke wayeyophenduka inhlekisa. Kodwa uNkulunkulu wayekhona lapho, eqinisa. Yonke into ayisho, iyafezeka.

192 NoFaro wadingeka abambe isikhundla sakhe, ngoba wayengumbhishobhi, niyazi, ngakho wa—wadingeka ahlale lapho. Wayengaphiki. Wayengasho ukuthi qhabo, ngoba kwase kuvele kwenzeka. Niyabo? Wayenga—wayengekuphike, ngoba kwase kuvele kwenzeka. Ngakho ekugcineni wathi, "O, phumani nje! Angisafuni ukuphinde ngikuzwe. Phumani lapha! Thathani konke eninakho, futhi nihambe!" O, he!

193 Manje sithola uMose, lapha, emva kokuba uNkulunkulu wayesemenzele okukhulu kakhulu, futhi wayembonise izibonakaliso eziningi kakhulu nezimanga. Manje, okwemizuzu eyishumi nanhlanu elandelayo, asendlale lokhu lapha. Futhi sibhekisise ngokusondele ngempela. UMose ufika kulendawana lapho e . . .

194 UNkulunkulu wayethe, "Nginawe. Amazwi akho yiZwi laMi. Ngikufakazisile kuwe, Mose. Wena, ngenkathi kwakungekho zibawu ezweni, kwakungeyona inkathi yazo, futhi wena wathi, 'Makubekhona izibawu,' futhi nakho kufika izibawu." Lokho ngokudaliweyo. Ubani ongaletha ubumnyama phezu komhlaba, ngaphandle kukaNkulunkulu na? Wathi, "'Makubekhona ubumnyama,' futhi kwabakhona ubumnyama. Wena wathi, 'Makubekhona amasele,'" namasele aze angena ngisho nasendlini kaFaro, emibhedeni, futhi ngenkathi bewanqwabela ngezinqwaba ezinkulu. UMdali! "Futhi Ngikhulume ngawe, Mose, futhi—futhi ngenza iZwi laMi lidale ngezindebe zakho. Ngikwenze empeleni unkulunkulu phambi kukaFaro." Yebo, mnumzane. "Ngenze konke lokhu."

195 Futhi nampa befika endaweni, ukuvivinywa okuncane kuyaqubuka, noMose uqala ukukhala, "Ngizokwenzenjani na?"

196 Ngifuna niqaphele. Lesi yisifundo esikhulu lapha manje. Ngiyakuthanda lokhu, niyabo. Niyabo, uMose, uma sifunda lapha kahle, ukuthi Mo- . . . Ngenkathi, abantwana beqala ukwesaba, babone uFaro eza ngemuva, esemgqeni womsebenzi.

197 UNkulunkulu wayenze yonke into ngokupheleleyo. Manje Wabaqalisa ohambweni lwabo. Unebandla lindawonye. Babekade bebizelwe ngaphandle. Bavela kuwo onke amahlelo. Bonke bahlangana ndawonye. UMose wayebuyele emuva lapho, wayesethi, "Nkosi, ngifanele ngenzenjani na?"

198 Wayethi, "Awu, hamba wenze *lokhu*." Kulungile, qhubeka. "Manje, Mose, uyazi Ngikubizele ukuba wenze lokhu."

"Yebo, Nkosi."

199 "Kulungile, hamba ukhulume *lokhu*, futhi kuzoba njalo," nakhu kufika izibawu. "Khulumela *lokhu*," futhi nakhu kufika. "Yenza *lokhu*," nakhu kufika. Yonke into yayingu ISHO KANJE INKOSI, ISHO KANJE INKOSI, ISHO KANJE INKOSI! Manje ungena enkathazweni . . .

200 NoNkulunkulu wathi, “Manje seNgibaqalise ohambweni lwabo. Bonke sebebizelwe ngaphandle. Ibandla lindawonye, ngakho Nginabo basohambweni lwabo. Manje, Mose, bathathe uqhubeke ubawelise. Ngikutshelile ukuba ukwenze. Ngizohlala phansi bese ngiphumula isikhashana.”

201 UMose wathi, “O Nkosi, buka kuza, nangu uFaro eza! Abantu bonke ba . . . Kufanele ngenzenjani na? Kufanele ngenzenjani na?” Niyabo lapho, akusikho yini nje lokho izidalwa ezingabantu na? Yebo, mnumzane. Uqala ukukhala, “Kufanele ngenzenjani na?”

202 Lapha sibona uMose ngokuzwakalisa, imvelo yomuntu ngokugcwele, njalo ufuna uNkulunkulu ukuba abe semva kwakho futhi akufuqele entweni ethize. Manje, yithi labo namhlanje. Ufuna uNkulunkulu, emva kokuba sesibone konke esikubonileyo, nokho ufuna uNkulunkulu akufuqe ukuba wenze into ethize. Uyabo?

203 UMose wayesanda kuhamba enqena nje, wathi, “Nkulunkulu, ngizohamba ngiKucele, ngibone ukuthi Uthini. Ya, ya, Wena kusho. Awu, kulungile, ngizokusho, nami.” Niyabo?

204 Kodwa lapha uNkulunkulu wayemmisele umsebenzi, wafakazisa ukuthi Wayenaye. Futhi nangu, kuqubuka ithizethize, futhi useqala ukukhala-ke, “Ngingenzenjani na? Nkosi, ngingenzenjani na?”

205 Manje niyakhumbula, wayesevele eprofethile lapha, ngokuba wathi, “Laba baseGibhithe enibabonayo namhlanje, anisayi kubabona.” Futhi manje-ke masinya uqala ukukhala kakhulu, “Nkulunkulu, singenzenjani na?” Niyabo? Emva kokuba esenze umsebenzi omuhle impela ekuprofetheni lapho. Niyabo, usebatshelile okuzokwenzeka. Uma iZwi likaNkulunkulu lalikuye, Lalikuye. Futhi ngenkathi esho lokho, empeleni kuyafezeka. Akusho kwase kuvele kuzofezeka, futhi lapha wayekhala kakhulu, “Ngizokwenzenjani na?”

206 O, uma lokho kungesizo izidalwa ezingabantu! Uma lowo kungesimi! Uma lowo kungesimi! Niyabo?

207 Wayesevele efakazisile, “Okushoyo kuzokwenzeka. Nginawe.”

208 Futhi lapha kwavuka ithizethize ngomzuzwana. “Ngifanele ngenzenjani na? Ngifanele ngenzenjani, Nkosi na? Heyi, Nkosi, Ukuphi na? Heyi, Uyangizwa na? Ngifanele ngenzenjani na?” Futhi Wayesevele emmisele, futhi wamqinisekisa, futhi wafakazisa futhi wasebenza yonke into ngaye. Futhi lapha, “Nkulunkulu?” O, he! Ezwakwalisa ngokugcwele, umuntu ufuna ukuphumula futhi adedele uNkulunkulu enze ukufuqa.

209 Futhi, nokho, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemgcobele lomsebenzi, ukwenza lokhu, noNkulunkulu ngokusobala wayeziqinisekisile izisho zakhe. Kwakuyisikhathi sokuba

abantu bakhululwe. UNkulunkulu, ngezimangaliso zakhe nezimanga, wayebadonse bonke kanyekanye eqenjini elilodwa. Niyangilandela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wabaletha bonke kanyekanye eqenjini elilodwa, waqinisekisa izisho zakhe. UmBhalo washo njalo; lapha kwakuyisibonakaliso, lapha kwakungubufakazi obubonakalayo lapha, yonke into ayisho. Khona-ke ufika phakathi kwabo njengomprofethi. Selokhu, noma yini ayisho, uNkulunkulu wayihlonipha, ngisho nokudala nokukhuphula izibawu, futhi waletha izinto zaba khona. Futhi yonke into Ayemethembise yona, lapha Uyenzile.

210 Kodwa wayefuna ukulinda ku ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Wayefanele azi ukuthi khona impela ukuqinisekiswa kobizo lwakhe kwakungu ISHO KANJE INKOSI. Umsebenzi wakhe lowo ayewumiselwe wawungu ISHO KANJE INKOSI. Ningakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."] Mm! Kungani ayelinde ku ISHO KANJE INKOSI na?

211 Wayefuna, "Nkosi, ngingenzenjani na? Lapha ngibakhiphile lababantwana lapha, kwaze kwaba lapha. Nanti ithizethize, uFaro uyeza. Bonke bazofa. Ngifanele ngenzenjani na? Ngifanele ngenzenjani na?" Mm! Mm!

212 Wayesevele ekubikezele ababezokwenza. Wayesevele ekushilo nje impela ini, ukukwenza. Wabikezela ukuphela kwaso impela isizwe akhuliselwa kuso. Ngiyethemba niyaqonda. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? UMose wayesevele eshilo, "Anisophinde nibabone. UNkulunkulu uzobabhubhisa. Sebehlekise ngani kade ngokwenele. UNkulunkulu uzobabhubhisa." Wayesevele ekubikezele okwakuzokwenzeka kubo.

213 Khona-ke, "Nkosi, ngifanele ngenzenjani na?" Niyayibona imvelo yomuntu lapho na? Niyabo? "Ngifanele ngenzenjani na? Ngizolinda u ISHO KANJE INKOSI." Yebo, mnumzane. "Ngizobona ukuthi iNkosi ithini, khona-ke ngizokwenza." Hhe!

214 Khumbulani, kwakukhona ufaro owayevukile owayengamazi uJosefa, niyazi, ngalesosikhathi, ngaso lesosikhathi ngqo. Niyabo? Niyabo? Futhi uMose wasukuma ngqo futhi wabikezela ukuphela kwalesosizwe.

215 Futhi lapha wayesendaweni ngqo lapho okwakufanele kwenzeke khona, khona-ke ukhala kakhulu, "Ngifanele ngenzenjani, Nkosi? Ngifanele ngenzenjani na?" Niyabo? Ngabe lezo akusizo izidalwa ezingabantu na? Ngabe lokho akusiyo nje yini imvelo yomuntu na? "Ngizokwenzenjani na?" Hhe!

216 Wayesevele, eprofethile. UNkulunkulu wayeseyihloniphile yonke into ayisho, futhi wabizelwa umsebenzi, ngakho kwakungani ayefanele athi, "Ngifanele ngenzenjani na?" Kwakukhona isidingo; kwakukuye nje ukuba akukhulumele. UNkulunkulu wayefuna ukuba uMose abeke lesosiphiwo sokukholwa, Ayemnike sona, ekusebenzeni. UNkulunkulu

wayesiqinisekisile. SasiyiQiniso. Futhi uNkulunkulu wayefuna uMose, wayefuna abantu babone ukuthi WayenoMose.

217 Futhi yena, emuva lapho, walinda, uthi, "Manje, Nkosi, ngiyingane nje. Ake Ungitshele manje."

"Ya, ngizohamba ngenze *lokhu*. Ngino ISHO KANJE INKOSI."

"Mfowethu, ngabe lowo u ISHO KANJE INKOSI na?"

218 "Yebo, yebo," Mfowethu Mose, "lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ya."

219 "Okeyi, sinaye manje, ISHO KANJE INKOSI." Futhi kwenzeka. Akukaze kwehluleke nakanye. Akuzange kwehluleke.

220 Futhi lapha kusemathizethizeni, kuyenyuka futhi. Manje Unaye ohambweni. Ibandla selivele libizelwe ngaphandle, waba nabo ohambweni, futhi bayenyuka. NoMose waqala ukukhala kakhulu, "Nkosi, ngabe u ISHO KANJE INKOSI na? Ngifanele ngenzenjani na?" Kulungile.

221 UNkulunkulu wayefuna uMose abe nokukholwa, Ayekufakile, esiphiweni Ayesi—siqinisekisile ngokusobala. UNkulunkulu wayekufakazisile ngokusobala kuMose nabantu ukuthi kwakunguYe, ngeZwi nangezinto eyashiwo zifezeka. Kwakhonjwa ngokusobala. Sasingekho isidingo sakhe sokuba aphinde akhathazeke ngakho. Niyabo? Kwakungasekho okwakhe ukucabanga noma yini ngakho, ngoba kwase kuvele kucacisiwe. Wayesevele ezenzile lezizinto. Futhi wayesevele ekufakazisile, ngezibawu namazeze, ukuthi wakhuluma izinto zadaleka, ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalikuye.

222 Ngakho lapha uzobuza manje ukuthi enzeni, ngenkathi amathizethize lilele ngqo phambi kwakhe. Niyabo? O, he!

223 Ngiyethemba lokhu kuyahamba kwehlela le phansi kithi, futhi singabona ukuthi sikuphi. Niyabo? Akunenzi nizizwe nithi anibe bakhulu *kangaka* na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukucabanga ngoMose exoxa ngamaphutha akhe, futhi sibuka awethu. Ya. Niyabo?

224 Nangu wayelapha, emi lapho, niyabo, wazi ukuthi imiBhalo yasho ukuthi lelo kwakuyihora nosuku lwalokho ukuba kwenzeke, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wayehlangane naye eNsikeni yoMlilo. Futhi Yehlela phansi ngqo phambi kwabantu futhi yenza lezizimangaliso. Nayo yonke into ayisho, iyafezeka, ngisho nasekuletheni izinto ekudalweni. Enza izinto ezazingenziwa nguNkulunkulu kuphela, ukukhombisa ukuthi iphimbo lakhe laliyiPhimbo likaNkulunkulu.

225 Futhi lapha kwakuyithizethize ngalabobantu ayebavusa, ebaletha ezweni elithenjisiwe, futhi khona-ke wayemile, ekhala, "Ngifanele ngenzenjani na?" Leso yisidalwa esingumuntu, sifuna nje . . .

226 Njengoba uMfowethu Roy Slaughter, ngikholwa ukuthi uhlezi ngaphandle komnyango lapho, wangitshela ngesinye isikhathi, ngomuntu mumbe enza into ethize kimi. Futhi ngathi, "Awu, ngenza *lokhu*, futhi manje yilokho."

227 Wathi, "Mfowethu Branham, ake bencike ehlombe lakho namhlanje, futhi kusasa uyabathwala." Futhi nje yingaleyondlela izidalwa ezingabantu esiyiyo. Ancike ehlombe lakho namhlanje, futhi kusasa uyabathwala.

228 Yilokho, yilokho uMose ayekwenza. UNkulunkulu wadingeka amthwale ahambe naye emva kokuba Wayemgcobile futhi wakufakazisa ukukwenza. Nabantu babefanele bathi, "Mose, yisho izwi. Ngikubonile ukwenza *laphaya*. UNkulunkulu wakuhlonipha laphaya, futhi unguye ofanayo namhlanje." Amen. Niyabo? "Kwenze!" Amen. Wayefanele akwazi, kodwa akakwazanga. Kulungile. Njengoba nje kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje. Siyathola, lokho. Ngakho Wathi, "Mo-. . . "

229 UNkulunkulu ufanele ukuthi nje wayenokwanele kwakho. UNkulunkulu ufanele ukuthi wayesenengiwe yikho. Wathi, "Ukhalelani kiMi ngakho na? Asengivele yini ngiyifakazisile inkomba yaMi na? Angikutshelanga yini ukuba Ngakuthumela umsebenzi na? Angikutshelanga yini ukuthi uhambe wenze lokhu na? Angithembisanga yini ukuthi Ngiyokwenza lokhu; ukuthi Ngiyoba nomlomo wakho, futhi Ngiyokhuluma ngawe futhi Ngiyokwenza lokhu, futhi uyokhombisa izibonakaliso nezimanga na? Angithembisanga yini ukukwenza na? Angenzenga yini nje ncamashi, futhi ngabhubhisa zonke izitha ngakuwe na? Futhi lapha umile phandle lapha manje, oLwandle oluBomvu, khona ngqo emgqeni womsebenzi owumiselwe, eNgakutshela ukuba uwenze, futhi khona-ke usalokhu umpongoloza futhi ukhala kiMi. AwuNgikholwa na? Awuboni yiniukuthi Ngikuthumele ukwenza lokhu na?" O, uma leso kungesiso isidalwa esingumuntu! He! Ngakho Ufanele ukuthi Wayesenengiwe ngempela ngempela phezu kwakho.

230 Futhi Wathi, "Uyazi ukuthi unesidingo sakho. Uyazi uma uzothatha lababantwana ubawezele kulelozwe elithenjisiwe. Yilokho impela. Uvalelwe ekhonini lapha. Ayikho enye into ongayenza. Ngakho kunesidingo. Ukhalela ini kiMi na? UNgibukela ini na? UNgibizela ini na? Angikufakazisanga yini kubantu na? Angikufakazisanga yini kuwe na? Angikubizanga na? Akusikho ngokomBhalo na? Angithembisanga yini ukuthatha lababantu ngibayise kulelozwe na? Angikubizanga yini futhi ngikutshele ukuthi Ngizokwenza na? Angibizanga yini futhi ngithi Ngikuthumile ukuba ukwenze, ukuthi kwakungesuwe, kwakuyiMi na? Futhi Ngizokwehla futhi Ngiyoba nezindebe zakho, nokuthi noma yini oyishilo, Ngiyoyiqinisekisa futhi ngiyifakazise. Angikwenzanga na?

231 "Manje-ke, uma noma yiyiphi into encane iqubuka, kungani uziphathise okwengane na? Ubufanele ube yindoda. Khuluma kubantu," amen, "bese-ke uya phambili!" Amen. Nakho lapho okhona. "Ungakhali. Khuluma!" Amen. O, ngiyakuthanda lokho. "Ukhalela ini kiMi na? Khuluma kubantu nje bese uya phambili empokophelweni yakho. Noma ngabe kuyini, uma kungukugula, kumbe noma kuyini, ukuvusa abafileyo, kumbe noma ngabe kuyini, khuluma! Ngikufakazisile. Khuluma kubantu."

232 Isifundo esinje pho! Isifundo esinje pho, o, he, kulesisigaba sohambo lapho esimi khona. Bukani ukuthi sikuphi manje, yebo, mnumzane, eMdonsweni wesiThathu. Qaphelani, sikhona lapha emnyango, wokuFika kweNkosi.

233 Wagcotshelwa umsebenzi, futhi esalokhu elindele u ISHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu ufanele ukuthi wayesenele yikho. Wathi, "Ungabe usakhala. Khuluma! Ngakuthuma."

234 O Nkulunkulu, leliBandla ebelifanele ukuba yikho kulokhu ukusa! Nokuqinisekisa kukaNkulunkulu okuphelele, neNsika yoMlilo nezibonakaliso nezimanga, yonke into nje njengoba yayinjalo ngezinsuku zeSodoma. Wathi iyobuya ibuye.

235 Nanti izwe esimweni salo. Naso isizwe esimweni saso. Nampo abesifazane esimweni. Nango owesilisa esimweni. Nanto ibandla esimweni. Nanso yonke into. Imisuka, izibonakaliso, amasoso andizayo nayo yonke into ezibhakabhakeni, nalo lonke uhlobo lwezinto eziyimfihlakalo, nolwandle lugubha, amagagasi amakhulu, inhliziyo yomuntu yehluleka, ukwesaba, okudide isikhathi, usizi phakathi kwezizwe, ibandla liwa.

236 Nomuntu wesono ephakama, oziphakamisa phezu kwakho konke; okuthiwa nguNkulunkulu, lowo ohlezi ethempilini likaNkulunkulu, ezikhombisa yena uqobo, o, he, futhi ufike kulesisizwe. Nebandla lihlelile, nawo onke abuthana ndawonye, njengezifebe esifebekazini, nayo yonke into impela ngendlela yobufebe.

237 Ubufebe, buyini na? Butshela abesifazane ukuthi bangazigunda izinwele zabo, butshela abesifazane ukuthi bangazigqoka izikhindi, butshela abesilisa ukuthi bangenza *lokhu* futhi bangenza *lokho*; nabashumayeli, benza *lokhu*, nevangeli lenhlaliswano nezinto. Aniboni yini, kungukuphinga neZwi likaNkulunkulu eliqinisile!

238 NoNkulunkulu usithumele iZwi laKhe eliqinisile, elingesilo elehlelo, kungekho zintambo eziboshelwe kuLo, futhi usinika iNsika yoMlilo, uMoya oNgcwele obunathi manje iminyaka engamashumi amathathu. Nayo yonke into Ayibikezele futhi wayisho, ifezeka ncamashi ngendlela Ayenza ngayo.

239 Khuluma kubantu, futhi asiye phambili. Amen. Sinempokophelo, leyo yiNkazimulo. Asiye kuYo. Sibheke eZweni elithenjisiwe. "Konke kungenzeka kulabo

abakholwayo." "Khuluma kubantu. Angikufakazisanga yini. Bengingenaso yini ngisho nesithombe saMi esenziwe phakathi kwenu, nayo yonke enye into, futhi ngenze yonke into ebingenziwa, ukufakazisa ukuthi Nginawe na? Alikwenzi yini amaphephabhuku, emavikini ambalwa nje edlule, ethwele udaba, ngenkathi usho lapha epulpiti ukuthi kuyokwenzekani phandle lapha, nezinyanga ezintathu kungakenzeki, futhi lapho kwaya kwenzeka futhi kuqinisekisa na? Ngisho nesayense iyazi ngakho. Nayo yonke into eNgiyenzile, futhi usalokhu ulindile. Khuluma kubantu futhi uye phambili empokophelweni yakho." Amen.

240 Akazange yini uNathani atshele uDavide na? UNathani, umprofethi, ngesinye isikhathi ehlezi, ebona uDavide inkosi egcotshiwe, wathi, "Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe." Watshela uDavide, "Yenza konke okusenhliziyweni yakho. UNkulunkulu unawe."

241 UJoshuwa wayegcotshiwe ukuba athathele uNkulunkulu izwe nelabantu bakhe. Usuku lwalulufishane. Wayedinga isikhathi esengeziwe somsebenzi ayegcotshelwe wona futhi wathunyelwa ukuba awenze. UJoshuwa, umuntu, wagcotshwa. UNkulunkulu wamtshela, "Njengalokhu NganginoMose, Ngiyoba nawe." Amen. "Lelozwe, Ngizobanika lona. Futhi Ngifuna wena uye laphaya futhi uqothule amaAmaleki, na—namaHit-. . .Bonke—bonke abanye, amaFilisti na—namaPherizi, nabo bonke abehlukene, baqothule. Nginawe. Ngizo . . . Akukho muntu oyoma phambi kwakho, zonke izinsuku zokuphila kwakho. Akukho muntu ongakukhathaza. Qhubeka ungene lapho."

NoJoshuwa wahosha leyonkemba wayesethi, "Ngilandeleni!"

242 Futhi wawelela lapho, futhi nangu wayelwa. Futhi kwakuyini na? Waxosha isitha. Babeyizigejane ezincane *lapha* nezigejane ezincane *lapho*. Uma sekufika isikhathi sasebusuku, babebuthana bonke ndawonye futhi babengamabutho alinde inqaba ndawonye, futhi bafike ngomfutho omkhulu bemelene naye. Nelanga lase liyoshona. Wayedinga ukukhanya okwengeziwe. Ilanga lase liyoshona. Akazange awe ngamadolo akhe bese ethi, "Nkosi Nkulunkulu, ngizokwenzenjani? Ngizokwenzenjani na?" Wakhuluma! Wayenesidingo. Wathi, "Langa, yima!" Akakhalanga kwilutho. Wayala, "Langa, yima! Nginesidingo salokhu. Ngiyinceku yeNkosi, ngigcotshelwe lomsebenzi, futhi nginesidingo. Yima, futhi ungakhanyi . . . Futhi, nyanga, wena lenga lapho okhona," waze walwa impi wayiqeda futhi wabhaxabula yonke into wayilahla phansi. Nelanga lamlalela.

243 Akukho kukhala kakhulu. Wakhuluma elangeni, wathi, "Wena yima. Langa, lenga lapho! Futhi, nyanga, wena

hlala lapho okhona." Akakhalanga kakhulu, "Nkosi, manje ngingenzenjani na? Nginike okunye ukukhanya kwelanga okwengeziwe." Wayenesidingo sokukhanya kwelanga, ngakho waliyala, nelanga lamlalela. O, he! Wayala ilanga ukuba lime.

244 USamsoni, egcotshiwe, wasukuma, emiselwe nguNkulunkulu, wanikwa isiphiwo samandla, wamiselwa ukuba abhubhise isizwe samaFilisti. Wamiselwa, wazalwa emhlabeni, wagcotshwa nguNkulunkulu, ukuba abhubhise amaFilisti. Futhi ngoluny'usuku bambamba phandle ensimini, engenankemba yakhe, engenamkhonto. Nenkulungwane yalawomaFilisti ahlomile agijimela phezu kwakhe ngesikhathi esisodwa. Ngabe waguqa yini wayesethi, "O Nkosi, ngilindele umbono na? O, Nkosi, ngifanele ngenzenjani na? Ngiqondise manje ukuthi ngenzeni"? Wayazi ukuthi wayenesidingo. Akatholanga lutho kodwa umhlathi omdala womnyuzi, futhi washaya walahla phansi inkulungwane yamaFilisti. Amen!

245 Akazange akhale kuNkulunkulu. Wasebenzisa isiphiwo sakhe esigcotshiweyo. Wayazi ukuthi wayethunyelwe umsebenzi. Wayazi ukuthi wayezalelwe lokho. Wayazi ukuthi wayegcotshwe ngesiphiwo, futhi washaya walahla phansi inkulungwane yamaFilisti. Akakhalanga kuNkulunkulu. UNkulunkulu wammisela futhi wamqinisekisa ukuthi wayenguye, ngezinye izinto ayezenzile. Futhi wayengeqinisekisiwe, inceku kaNkulunkulu egcotshiwe, ukubhubhisa amaFilisti, futhi wakwenza. Akunandaba ukuthi kwakumathizethize mani, wakwenza. Akazange abuze lutho. Lowo kwakungumsebenzi wakhe. Lokho, uNkulunkulu wayesebenza ngaye; wacosha lelothambo lomnyuzi futhi uyoshaya amaFilisti. Kanjani i . . .

246 Ngani, ukukhotha okukodwa ngaleyonto, ukuvundla olulodwa lwalezozingebhezi zamakhanda zethusi eziyi intshi nohhafu kanjalo, kwakungavithiza lelothambo libe yizicucu eziyisigidi. Futhi washaya inkulungwane yawo wayilahla phansi, futhi wawabulala, futhi wayelokhu emi nawo usesandleni sakhe.

247 Akabuzanga mibuzo. Akakhalanga kakhulu. Wakhuluma. Wawaxosha. O, he! "Ngithathe amaFilisti, ngingawathatha amaFilisti, Nkosi na? Ngi—ngiyazi ukuthi Wangithumela ukuba ngikwenze, Nkosi. Yebo, Nkosi, ngiyazi Wangithumela ukuba ngibhubhise lesisizwe samaFilisti. Manje lapha, inkulungwane yawo ingizungezile, futhi anginalutho. Ini, ngizokwenzenjani manje, Nkosi na?" O, he! Ayikho into ezomkhathaza. Ugcotshelwe umsebenzi. Akukho lutho olungakulimaza. Qhabo, akukho neyodwa into. Haleluya! Wavele nje wathatha lokho ayenakho futhi wawashaya ngakho. Kunjalo.

248 Ngenkathi isitha simbiyela ngothango phakathi, sathi, "Manje, simthola ezindongeni, sesimtholile manje. Simthole

ngaphakathi lapha nalona wesifazane. Manje siwuvalile umnyango, macala onke ndawo zonke, futhi angeke akwazi ukuphuma. Simtholile."

249 USamsoni akakhalanga kakhulu, "O Nkosi, bangibiyele ngothango konke phakathi ngalelihlelo." Hhe! "A, ngizokwenzenjani na? Ngijoyinane nawo. Ngizokwenzenjani na?" Akazange akwenze lokho.

250 Wavele waphuma nje, wayesedonsa isango eliwisa, wayeselibeka ehlombe lakhe, wayesesuka ehamba nalo. Amen! Wayegcotshelwe umsebenzi. Wayebizwe nguNkulunkulu. Abambiyelanga phakathi ngothango. Lutho, nhlobo! Wahamba namasango. Akakhulekanga ngakho. Akabuzanga uNkulunkulu ukuthi akwenze yini noma qha. Kwakusemgqeni womsebenzi awumiselwe ngqo. Amen, amen, amen! Emgqeni womsebenzi awumiselwe ngqo. "Ukhalelani kiMi na? Khuluma, futhi uqhubeke!" Amen! "Ungakhali. Khuluma!" Wayesekuyekile ukunswininiza nokubibitheka manje. Ubefanele ukubamdala ngokwenele ukuba akhulume. Kunjalo. Wayazi ukuthi isiphiwo sakhe samandla esigcotshiwe sasingabhubhisa noma yimuphi umFilisti owayema phambi kwakhe. Amen.

251 Kodwa asikwazi lokho, niyabo. Sisalokhu siyizingane ezincane, nanebhodlela emlonyeni wethu.

252 Wayekwazi, wayazi ukuthi uNkulunkulu wamvusela leyonhloso, futhi kwakungekho lutho olwaluzoma phambi kwakhe, zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Akukho lutho olwalungambhubhisa. Wakhuliselwa leyonhloso, njengoba uMose wayenjalo. Akukho lutho oluzomvimba. Akukho maAmaleki noma lutho olunye olungamvimba. Usendleleni eya ezweni elithenjisiwe. USamsoni wazi ukuthi wayesendleleni.

253 UJoshuwa uyazi wayethatha izwe. Wayengoqinisekisiwe. IZwi likaNkulunkulu lakwethembisa, noMoya oNgcwele wawulapho ukuqinisekisa.

254 Wayesemgwaqeni wakhe, ngakho kwakungekho lutho olwaluzoma endleleni yakhe. Qhabo, mnumzane. Emgqeni womsebenzi awmiselwengqo, noNkulunkulu, kwakungekho lutho olwaluzoma endleleni yakhe. Ngakho wavele nje waqukula amasango wayesewabeka ehlombe lakhe, esinda cishe amathani amane noma amahlanu, wayesenyukela esiqongweni segquma wayesehlala phansi phezu kwawo. Akukho lutho oluzoma endleleni yakhe. Wayenesiphiwo esigcotshiwe esivela kuNkulunkulu. Wayengadingi kukhala kakhulu, "Nkosi, ngifanele ngenzenjani manje na?" Wayesevele egcotshelwe ukukwenza. Lowo kwakungu ISHO KANJE INKOSI, "Basuse!" Haleluya! "Basuse! Ngikuvusele leyonhloso." Amen.

255 "Ngifanele ngenzenjani, Nkosi na? A, ngizokwenzenjani lapha oLwandle oluBomvu na?"

256 "Angikutshelanga yini ukuthi Ngakunika intaba ibe yisibonakaliso phandle lapha na? Ubuyela kuleyontaba, futhi uzothatha lababantwana baye ezweni. Angikubizelanga yini leyonhloso na? Ukhathazwa yini nganoma yini enye ema endleleni na? Khuluma, bese uqala ukuhamba!" Amen futhi amen! "Ya, Ngakubizela lenhloso."

257 UDavide, wayazi ukuthi wayegcotshiwe, futhi wayeqinisekiselwe ukuba ngumnembi okahle. Wayazi ukuthi babazi ukuthi wayengumnembi okahle. UDavide wayegcotshiwe. Uyakwazi. Futhi ngenkathi ema phambi kukaGoliyathi, akazange akhale, "O Nkulunkulu, ngifanele ngenzenjani manje na? Linda, ngabe ngi—ngifanele . . . Ngiyazi ukuthi Wenzani ezikhathini ezedlule. Wena, Wangivumela ngibulale ibhere, futhi Wangivumela ngibulale ingonyama. Kodwa kuthiwani-ke ngaloGoliyathi phandle lapho." Hhe! Akazange akwenze lokho. Wavele wakhuluma nje. Wathini na? "Uzoba njengoba babenjalo, emehlweni akho." Wakhuluma futhi waya phambili.

258 Akazange akhuleke umkhuleko. Akazange anikele ngalutho. Wayazi ukuthi wayegcotshiwe. Amen. Wayegcotshiwe, naleyondwayimane yayifakazise ngohlobo olufanele lwento. Wayenokukholwa ogcobweni lwakhe. Wayenokukholwa ukuthi uNkulunkulu wayengaliqondisa lelodwala liqonde ngqo phakathi nalesosigqoko sesivikelo lapho, lapho indawo kuphela eyayingashaywa khona. Wayemi lapho.

259 Wayazi ukuthi wayengumnembi okahle. Amen. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wamenza lokho. Amen. Wayazi ukuthi wayebulale ingonyama, wayazi ukuthi wayebulele ibhere, kodwa lokho kwakunefa likayise lasemhlabeni. Nanti ifa likaYise waseZulwini! Amen. Akaguqanga, "Kufanele . . . Ngifanele ngenzenjani manje, Nkosi na?" Wakhuluma wayesethi, "Uyofana nengonyama nebhere, futhi nakhu ngiyeza." Amen! Udumo kuNkulunkulu! Yebo, mnumzane. Wakhuluma futhi waya phambili ukuhlangabezana naloGoliyathi. O, he!

260 Kungakhathaleki ngobungako bakhe! Wayengomncane, umfo obukeka ebomvana, niyazi. Wayengemkhulu kakhulu. Wayengabukeki emuhle kakhulu, umfo owuhlobo oludonseke kancanyana. IBhayibheli lathi wayebomvana. Manje, kungakhathaleki ngobungako bakhe nalokho okubizwa ngokuthi yikhono lakhe lokwenza njalo.

261 Niyazi, u—umbhishobhi wamtshela, wathi, "Manje buka lapha, ndodana, leyondoda inguyisazi wezenkolo. Uyabo, iyisilwi. Yazalwa iyisilwi futhi iyi . . . Ibiyisilwi, kusukela ebusheni bayo, futhi awuqhathaniseki nayo." Nabafowabo bathi, "O, wenanto egangile. Uphumela lapha ukuba wenze into enje njengaleyo, buyela ekhaya."

262 Lokho akumkhathazanga. Ngani na? Wayazi ukuthi wayegcotshiwe. "UNkulunkulu owangikhulula kuleyongonyama, uNkulunkulu owangikhulula emaziphweni alelobhere, Uyoba ngaphezu kwalokho, angikhulule kulowomFilisti. Nakhu ngiyeza. Ngihlangabezana nawe eGameni leNkosi uNkulunkulu kaIsrayeli." Amen. Akakhulekanga aqede; wayesevele ekhulekelwe kwaqedwa. UNkulunkulu wamkhulekela waqeda ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Wagcotshelwa umsebenzi. Wadingeka akhulume futhi aye phambili. Yilokho kuphela okwakukhona ukuba enze ngakho, akhulume nje futhi aye phambili. O, yilokho kuphela okwakukhona kukho. O! Akazange . . .

263 Mayelana nabafowabo behlelo, labobahleki abahleka usulu bemi lapho, nabo, niyazi. O, yebo. Babemi lapho besho, behleka usulu futhi behlekisa, futhi bethi . . . Abafowabo, niyazi, futhi bathi, "A, a, a, ungeke. Wena, ugangile nje." Lokho akumnyakazisanga nakancu. "Ufuna ukwehluka komunye umuntu. Ufuna ukubukisa nje." Ukuba lokho kwakukade kungukubukisa, kwakuyoba njalo. Kodwa babuka nje kuphela ngasohlangothini lwezihlakaniphi.

264 UDavide wayazi ukuthi amafutha okugcoba ayephezu kwakhe. Amen. Akwenzanga noma yimuphi umehluko kuye. Wathi, "LowomFilisti uyoba njengebhere nengonyama, ngakho nakhu ngiyeza." Wakubikezela kungakenzeki. Wenzani na? Wabulala ibhere. Wabulala ingonyama. Washaya ingonyama wayilahla phansi nge . . . Ngani na? Nge— ngendwayimane, wayesethatha umese, kwase-ke kuba yibhere. Ingonyama, wabulala ingonyama ngomese. Leyo yinto efanayo ayenze uGoliyathi. Wamshaya wamlahla phansi ngedwala, wayesehosha inkemba yakhe, wayesemnquma ikhanda lakhe uqobo elisusa, khona lapho ngaphambi kwakho. Wabikezelani ngaphambi kokuba kwenzeke na? "Futhi uyoba njengoba zinjalo." Ngani na? Wakhuluma izwi ukuthi kuyobanjalo, wayese-ke eya phambili ukukwenza kugcwaliseke. Amen. O, mfowethu! Wakhuluma, wayesengamela isimo ngalolosuku.

265 Uma sake saba khona isikhathi umuntu afanele akhulume ngaso, simanje. Ngivala, imizuzu embalwa nje elandelayo uma ningavele nje nibekezele imizuzu embalwa emidana. Nginezinye futhi izinto ezibhalwe phansi lapha, eminye imiBhalo engifuna ukufinyelela kuyo.

266 UPetru okazange akhale, ngenkathi ethola indoda eyayinokukholwa okwenele ukuba iphiliswe, ilele esangweni okuthiwa Lihle. Akazange aguqe futhi abe nomkhuleko wobusuku bonke, futhi, noma umkhuleko wemini yonke, omkhulu, umkhuleko omude, futhi wathi, "Nkosi, ngiyakhuleka kuWe manje ukuthi Uzosiza lendoda empofu elunyonga. Ngiyabona ukuthi inokukholwa. Ngiyazi iyikholwa. Futhi ngiyibuzile, futhi i—i . . . Ngi—ngi—ngi . . . Ithe ibinokukholwa,

izokukholwa engiyitshele khona. Futhi ngiyitshele nge... ngalokho Owakwenza, futhi ngi—ngiyacabanga nje manje, Nkosi, ukuthi—ukuthi...Unganginika yini u ISHO KANJE INKOSI ngayo na?"

267 Qhabo, wayazi ukuthi wayengumphostoli ogcotshiwe. Wayazi ukuthi uJesu Kristu wamthuma. "Uphilise abagulayo, uvuse abafileyo, uhlambulule abanochoko, ukhiphe amademoni. Njengoba umukelisiwe ngesihle, yipha ngesihle." Wathi, "Petru, hamba wenze lokho!" Wayengadinge ukuba akhuleke aqede. Wathunywa.

268 Wathini na? Wathi, "NgeGama likaJesu Kristu!" Wakhuluma iGama likaJesu Kristu, nendoda ilele lapho nje. Futhi wayiphakamisa ngesandla, wayesethi, "Sukuma ume ngezinyawo zakho!" Futhi wayibamba lapho amathambo ayo amaqakala aze athola ukuqina, yayisiqala ukuhamba. Ngani na? Akazange abe nomhlangano womkhuleko wobusuku bonke. Akazange akhale kakhulu kuNkulunkulu. Wayazi ngokuyikho, okuvela ezindebeni zikaJesu Kristu, wayegcotshelwe lomsebenzi. Ya. Wakhuluma futhi wayivusa, ngokuba wayazi ukuthi wayengumphostoli ogcotshiwe ngenhloso.

269 Abantu ababelele esithunzini sakhe abazange bathi, "O, woza, mphostoli uPetru, futhi ukhale phezu kwethu, futhi usikhulekele umkhuleko wokukholwa, kuNkulunkulu." Qhabo, qhabo, abazange bakusho lokho. Babazi ukuthi wayegcotshiwe futhi engumphostoli oqinisekisiwe kaNkulunkulu. Ngakho bathi, "Nje asilale esithunzini sakhe. Awudingi ukusho izwi. Siyakwazi. Siyakukholwa." Ukukholwa phakathi kwabo! Umphostoli wayengenakufinyelela kubo bonke. Futhi bona, qobo lwabo, bayingxenye yakho.

270 UMose wathi, "Akusimi nje engihambayo. Sonke siyahamba." Sonke sinento ethize esizoyenza. Sonke sizodingeka sigcotshwe.

271 Futhi bambonile lowomphostoli emi lapho, futhi bambonile ephilisa indoda egulayo futhi enza izinto azenza. Bayazi ukuthi wayengenakufinyelela kubo. Bathi, abazange bathi, "Petru, woza futhi—futhi unikele umkhuleko, futhi ulinde manje uze uthole u ISHO KANJE INKOSI, bese uza ungitshele. Ubone ukuthi iNkosi ithini." Bathi, "Uma kuphela singalala esithunzini sakhe, ngoba yena impela uNkulunkulu owayekuJesu Kristu ukuye, futhi sibona into efanayo yenza. Ngakho bathinta umphetho wengubo kaJesu futhi balala esithunzini saKhe, noJesu ukulendoda. Uma leso sithunzi singabonisa phezu kwethu, sizophiliswa."

272 NeBhayibheli lathi bonke baphiliswa. Akukho mhlangano womkhuleko wobusuku bonke, ethi, "Nkosi, uma ngihamba ngilale ezithunzini zalomphostoli na?" Qhabo, bakwazi. UkuKhanya kwakubashayile. Izinhliziyo zabo yayigcwele.

Ukukholwa kwabo kwadedelwa. Amen. Bakukholwa. Babekubonile. Amaduku kaPawulu, indlela efanayo.

Manje, sengivala.

273 UJesu akazange akhale ngenkathi beletha umfana owuhlanya kuYe, owayenesithuthwane, ewela emlilweni. Akazange athi, "Baba, NgiyiNdodana yaKho, futhi manje Wena Wangithumela lapha ukuba ngenze *ukuthi-nokuthi*, *nokuthi*. Ngingamphilisa lomfana na?" Akazange asho. Wathi, "Phuma kuye, Sathane!" Wakhuluma, nomfana wasindiswa.

274 Ngenkathi Ehlangana noLegiyona, enamademoni ayizinkulungwane ezimbili kuye, kwakungesuye uJesu owayekhala. Kwakungamademoni ekhala, "Uma Uzosikhipha," o, he, "sivumele ukuba singene kulowomhlambi wezingulube."

275 UJesu akazange athi, "Manje, Baba, ngabe Ngiyakwazi ukwenza lokhu na?" Wathi, "Phumani kuye," namademoni abaleka. Impela, Wayazi ukuthi WayenguMesiya.

276 Ethuneni likaLazaru, wayekade esefile izinsuku ezine. Bathi, "Uma Ubulapha, Nkosi, nga engafanga."

277 Wathi, "Ngingukuvuka nokuPhila." Amen! Hhayi ukuthi kuphi, nini, noma kanjani. "Okholwa yiMi, noma efile, nokho wophila." Amen. Wayazi ukuthi WayenguBani. Wayazi ukuthi Wayeyini. Wayazi ukuthi WayenguEmanuweli. Wayazi ukuthi Wayengukuvuka. Wayazi ukuthi WayengukuPhila. Wayazi ukuthi kuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Ubabonile labobantu abancane lapho, futhi Wayekade ekubonile lokho uNkulunkulu ayeMtshele khona ngaleyonkathi ukuba akwenze, futhi nango Wayelapho. Wehlela lapho.

278 Akazange athi, "Manje, lindani, Ngizoguqa phansi lapha. Nonke guqani phansi futhi nikhuleke." Wathi, "Niyakholwa ukuthi Nginamandla ukwenza lokhu na?" Amen. Wakubuza.

279 KwakungesuYe; kwakuyibo. "Ya, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni." O, he! Nango Ekhonjwa. Ikhona into efanele yenzeke.

280 "Lazaru, phuma!" Wakhuluma, nendoda efile iyaphuma. Hhayi ukuthi, "Ngingakhuluma na?" Wakhuluma nje. Ngenkathi ukukholwa kuhlangabezwana nakho, into yenzeka.

281 Uyakhuluma, Wakhuluma, nezimpumputhe zabona, izinyonga zahamba, izithulu zezwa, amademoni adazuluka futhi ayaphuma, ofile wavuswa, yonke into. Ngani na? Akakhulekanga waqeda. WayenguMesiya ogcotshiweyo. WayeyilowoMesiya. Wayazi ukuthi Wayenguye. Wayesazi isikhundla saKhe. Wayazi ukuthi Wayethunyelwe ukuzokwenzani. Wayazi ukuthi uBaba wayeMkhombele ukuba abe nguMesiya, ekholweni. Futhi ngenkathi ehlangana nalelokholwa linokukholwa, Wavele nje wakhuluma iZwi.

Amademoni ahlakazeka. Yebo, Mnumzane. "Khuluma! Ungakhali. Khuluma!" Amen.

282 Futhi Wayewazi amalungelo aKhe awaphiwe nguNkulunkulu, kodwa asiwazi. Wayazi ukuthi Wayeyini. Asazi.

283 UMose wayesekhohliwe. USamsoni waqonda. Abanye baqonda. UJoshuwa waqonda. UMose wakhohlwa. UNkulunkulu kwadingeka amnakise. Wathi, "Ukhalelani kiMi na? Ngakuthumela ukuba wenze umsebenzi. Khuluma, futhi uqhubeke uye empokophelweni yakho. Ngakutshela ukuthi uyofika kulentaba. Thatha labobantwana futhi ubahole uqhubeke. Khuluma nje. Angikhathali ukuthi yini esendleleni yakho, igudluze iphume endleleni. Ngikunika igunya ukuba ukwenze. Ngakhuluma . . . Ukhulume kwabakhona izibawu namazeze, nokudaliweyo, nezinto ezinjalo. Manje ungimpongolozelelani Mina na? Uzelani kiMi, umpongolozela lezizinto na? Khuluma nje futhi ukubhekisise kuhamba, yilokho kuphela." O, he! O, ngikuthanda kanjani!

284 Lapha, uJesu, yonke into Ayisho, Wavele nje wakhuluma iZwi, futhi kwabanjalo. UNkulunkulu ngokuyikho wayeMqinisekisile ukuthi uyiNdodana yaKhe. "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ngaYo. Yizweni."

285 Mbhekisiseni. Ngiyakuthanda lokhu. Kunesibindi kanjani, ukuthi Wama kanjani ngokobukhosi phambi kwabagxeki baKhe. Amen. Wathi, "Bhidlizani lelithempeli, futhi Ngiyakukhuleka kuBaba futhi ngibone ukuthi Wenzani ngalo"? "Bhidlizani lelithempeli, futhi Ngiyakubuye ngilivuse, ngezinsuku ezintathu." Hhayi ukuthi, "Ngithemba ukulivusa; Ngizozama ukulivusa." "Ngiyokwenza!" Ngani na? UmBhalo washo njalo.

286 UmBhalo ofanayo owathi Wayezovusa umzimba waKhe, usinika igunya, aMandla. Amen! "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka, noma bephuza okubulalayo, akuyikubanangozi; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda."

"Ukhalelani kiMi na? Khuluma, futhi uye phambili." O, ngesibindi ngi . . .

"Bhidlizani lelithempeli, Ngiyakubuye ngilivuse." O!

287 Futhi khumbulani manje, (sesiyavala), kwakuyilowo ofanayo Yena. KwakunguYe owathi, kuJohane 14:12, i . . . "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] KwakunguYe owasho njalo.

288 KwakunguJesu, kuMarku 11:24, owathi, "Uma uthi kulentaba," hhayi ukuthi uma ukhuleka kulentaba. "Uma uthi kulentaba, 'nqukuleka,' futhi ungangazi enhliziyweni yakho,

kodwa ukholwa ukuthi okushilo kuzofezeka, ungabanakho okushilo." Manje wena, uma ukusho ngokucabangela nje, akuyikwenzeka. Kodwa uma into ethize kuwe, lokho ngukuthi u—uwugcotshelwe umsebenzi, futhi uzokwazi ukuthi yintando kaNkulunkulu ukukwenza, futhi uzokusho, kuzokwenzeka. "Uma ni . . ."

289 KwakunguYe owasho lokhu. "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini, celani enikuthandayo futhi nizakwenzelwa khona." O, he! O, he! Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

290 Ngiyaxolisa ngalokhu, kodwa nje kukhuphuka kimi. Ngifanele ngikusho. KwakunguYe owathi, lolosuku phezulu lapho, ngaphakathi kwalawomahlathi, "Awunanyamazane." Futhi Wadala izingwejeje ezintathu zimi lapho phambi kwethu. Kwakuyini na? Ukukhuluma izwi nje, uthi, "Zizoba *lapho*, na*lapho,* na*lapho*," futhi zazilapho. KwakunguYe owenza lokho.

291 Charlie, Rodney, KwakunguYe ezansi lapho eKentucky; noNellie, uMargie, nani nonke. KwakunguYe, lowoNkulunkulu ofanayo owayesemuva lapho futhi wakhuluma kuMose, wathi, "Ukhalelani kiMi na? Khuluma izwi!" KwakunguYe owazenza zabakhona. NguYe. NguYe. O, he!

292 KwakunguYe onikeza umbono cishe sekwedlule unyaka, owathi siyoya laphaya, naleziziMpawu eziyisiKhombisa, nokuthi uyobakhona kanjani u—u—u—umdumo omkhulu oyoqala ukukususa, futhi ziyoba sesimweni sesivivane. Futhi lapho i*Look* mag-. . .iphephabhuku i*Life* lalikuqukethe, kulenga odongeni phakathi lapho. KwakunguYe owasho lokho.

293 KwakunguYe, ngalobobusuku ngenkathi ngangehla ngalowomgwaqo futhi ngabona leyonyoka imamba enkulu eyayisizothola umfowethu. Futhi Wathi, "Unikeze . . . unikezwe Amandla okuba uyibophe, kumbe noma iyiphi yazo zonke ezinye." KwakunguYe owasho lokho.

294 Kumkami omncane osenekhanda elimpunga ehlezi emuva lapho: KwakunguYe ngalokho kusa, owangivusa lapho ekamelweni, futhi wama ekhoneni, wathi, "Ungesabi ukwenza noma yini, noma uye noma yikuphi, noma usho noma yini, ngokuba uBukhona bukaJesu Kristu obungehluleki neze bunawe noma ngabe uyaphi."

295 KwakunguYe phezulu ngaleya eSabino Canyon, cishe ezinyangeni ezintathu ezedlule ngenkathi ngikhuleka, ngimangala ukuthi kwakuzokwenzekani. Ngangimi lapho, nenkemba yaqathakela esandleni sami, wayesethi, "Lena yiNkemba uqobo yeNkosi." KwakunguYe.

296 KwakunguYe owathi kimi, "Njengalokhu NganginoMose, kanjalo Ngizothuma wena."

297 KwakunguYe owathi kimi, eminyakeni engamashumi amathathu edlule, ezansi phezu komfula ngaleya, njengomfanyana. Ngimi lapho njengomshumayeli omncane, emfuleni, eminyakeni engamashumi amathathu edlule, ngimi lapho ngenkathi lokho kuKhanya, iNsika yoMlilo efanayo, yehla ivela emazulwini futhi yama lapho, futhi yathi, "Njengoba ngathuma uJohane umBhaphathizi ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesiBili," kulolonke izwe. Kwakungaba kanjani, lapho umelusi wami uqobo ehleka futhi wahlekisa ngakho na? Kodwa kwenzeka nje impela ngaleyondlela. KwakunguYe owakusho. Yebo, mnumzane!

298 O, ukuthi kwakunguYe kanjani owasho esiprofethweni, embonweni, "Kuyakufezeka." KwakunguYe owathi, "Uma omunye phakathi kwenu eprofetha, noma ebona umbono, futhi awusho, futhi ufezeke; khona-ke khumbulani akusuye, yiMi. Nginaye." O, he! Bengingaqhubeka kanjani, futhi ngithi nguYe, nguYe, nguYe!

299 NguYe owehlayo, ngenkathi ngibatshela ukuthi iNsika yoMlilo yayisezansi lapho phezu komfula, futhi abakukholwanga. KwakunguYe ezansi lapho phakathi kwa, ngenkathi lowomshumayeli oyiBaptisti, phambi kwabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngalobobusuku, eSam Houston Colosseum, ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi yaYithathwe isithombe, imi lapho. KwakunguYe, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

300 KwakunguYe owasho phambili lapho lezizinto zazizobakhona. KwakunguYe owasho lokhu. KwakunguYe owenze lezizinto. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Wenze yonke into impela nje njengoba Athi Uyoyenza. Amen.

301 Kungani ngifanele ngilinde na? UNkulunkulu uqinisekise iZwi. LiyiQiniso. Asihambe uhambo. Asihambe. Asihambe ekuhambeni kweNkosi, sibeka eceleni konke ukungabaza, zonke izono. Sihlanze indlu, siyikolobhe.

302 Njengoba kwasho umbono kaJunior Jackson, kwakungekho lutho olwalusele kodwa izibani; noma iphupho lakhe, uma ehlezi lapha. Kungekho lutho olusele kodwa izibani, futhi zazinamabhande egolide azizungezile, ephusheni anginika lona ngobunye ubusuku. O, he!

303 Mfowethu Collins, ungakhathazeki ngaleyonhlanzi. Yayimhlophe. Nje wawungakwazi ukuthi ibanjwa kanjani.

304 Beka eceleni yonke enye into ephambene naLo. Khumbula, leli yiQiniso, kungakhathaleki ukuthi libonakala Lingubuhlanya kanjani, nayo yonke enye into, ngezinye izikhathi. Qhubeka ngqo naLo. NguMoya oNgcwele. UNkulunkulu ofanayo owavusa uJesu Kristu kwabafileyo,

lowo Ofanayo ongakhuluma izinto zibekhona, lowo Ofanayo owayephila ezinsukwini zikaMose, uyafana namhlanje.

305 Ubizo lwakhe ngalolu usuku lokugcina, Uluqinisekisile. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Wenze... Nanto iSodoma ezansi lapho. Nango uBilly Graham noOral Roberts phandle lapho. NeBandla liyaqhubeka, ngezibonakaliso ezifanayo Azethembisa, izindawo zombili, futhi nampo balapho. NguYe owakusho.

306 O Nkosi, ngiphe isibindi, ngumkhuleko wami. Ngisize, O Nkosi Nkulunkulu.

Ngifanele ngiyeke lapha. Kuba leyithi.

307 "Ukhalelani kiMi na? Ukhalelani kiMi, ngibe Ngifakazisile ukuba nawe na? Angibaphilisanga yini abagulayo bakini," Ubezosho na? "Angikutshelanga yini izinto ezenzeka ncamashi na? Umelusi wakho angekwenze lokho. Mina! Angekwenze; ungumuntu. YiMi, iNkosi," Ebingasho. "NginguYe owenza lokhu. NginguYe omtshela lezizinto ukuba azisho. Akusuye. YiPhimbo laMi. NginguYe ovusa abafileyo bakho uma bewa phansi. NginguYe ophilisa abagulayo. NginguYe osho lezizinto zingakenzeki. NginguYe owenza ukusindisa. NginguYe onikeza isithembiso."

308 Nkulunkulu, ngiphe isibindi ukuba ngithathe leyoNkemba yeZwi Ayibeka esandleni sami cishe eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu eyadlula futhi ngiyibambe futhi ngimashe ngiye phambili eMdonsweni wesiThathu, ngumkhuleko wami.

Asikhothamise amakhanda ethu.

309 Baba waseZulwini, ihora liyakhula liba leyithi, kodwa iZwi liya ngokuba yigugu. Njengoba silibona, Nkosi, izikhathi ngezikhathi, uBukhona bukaKristu obungahluleki neze njalo buhlangana nathi. NgiKubonga kanjani ngokulunga kwaKho! Ukuthi Usisindise kanjani futhi waba... futhi wasibusisa, siKubonga kanjani ngakho!

310 Njengoba ngiphethe lamaduku ngesandla sami, Nkosi, ngabantu onokukholwa, okukholwayo Lokhu. Kwangathi bonke odeveli, konke ukugula kungasuka kulabobantu. Futhi ngiyala bonke omoya abaphakathi lapha; ababi, futhi abangesibo abakaNkulunkulu, bonke omoya bokugula, zonke izifo nezinhlupheko. Asilele esithunzini somuntu, okungaba kahle, kodwa sisesithunzini seVangeli, iVangeli eliqinisekisiweyo.

311 Njengoba iNsika yoMlilo enkulu iya emuva naphambili kulesisakhiwo, leYo efanayo uNkulunkulu abuka phansi ngayo, noLwandle oluBomvu luyeka umzila walo, noIsrayeli wedlula. Kodwa manje lapho Ebuka, kufafazwe ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo, lapho isihawu nomusa. Kwangathi singaba ngabalalelayo. Kwangathi thina namhlanje singayeka ukusho,

sikhala kakhulu. Kwangathi singaqonda ukuthi Usibizele lomsebenzi. Yilelihora. Ngikukhuluma eGameni likaJesu Kristu, makuthi konke ukugula kusuke kulendawo.

312 Kwangathi wonke owesilisa nowesifazane, obiza iGama likaJesu Kristu, bangazehlukanisela ukuphila kwabo kabusha namhlanje. Ngizahlukanisela okwami, Nkosi, phezu kwealtare lomkhuleko. Ngizilalisa mina phansi, futhi nginamahloni ngami uqobo futhi ngiphendulela ikhanda lami ngasemhlabathini okulapho Wangithatha khona. Nkosi Nkulunkulu, nginamahloni ngobuthakathaka bami nokungakholwa kwami. Kuthethelele, Nkosi. Ngiphe isibindi. Siphe sonke isibindi.

313 Ngiyezwa, njengoMose, sonke sisemgwaqeni wethu siphuma. Asifuni ukushiya oyedwa. Sifuna ukuthatha wonke umuntu, Nkosi. BangabaKho. Ngibabizela Wena. Busisa lababantu namhlanje, Nkosi. Siphe khona. Futhi busisa mina, kanye nabo, Baba, neGama laKho lizodunyiswa. Inkazimulo yaKho izoba ngeyaKho. Siphe lokhu ukukholwa okuPhakade, Nkosi, njengoba sizahlukanisela Wena manje.

314 Mina, phezu kwaleliBhayibheli naphezu kwalesisikhwelo, ngiKunika ukuphila kwami, Nkosi. Ngithembele kuzozonke izithembiso Ozinikezayo. Ngiyazi zizoqiniswa. Ngiyazi ziyiQiniso. Ngiphe isibindi ukuba ngikhulume lamaZwi. Ngiphe isibindi, Nkosi. Ngiqondise kulokho engizokwenza futhi ngikusho. Ngizinikela kuWe, nalelibandla, ngokuhambisana nalo, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

> Ukholo lwami . . . Phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi oMkhulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa zonke izono zami,
> O makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

315 Manje asisukume, ngokuthula ngempela, njengoba silihamisha. [UMfowethu Branham nebandla uqala ukuhamisha elithi, *uKholo lwaMi Lubuka Phezulu KuWe*—Umhl.]

> . . . kuWe,
> Wena Wundlu . . .

Asiphakamisele nje izandla zethu kuYe manje.

> O Msindisi . . .

Zahlukaniseleni uNkulunkulu manje.

> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa konke ukungabaza kwami,
> O makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

316 Manje kanyekanye, nezandla zethu ziphakeme. [Ibandla liphinda lomkhuleko, emva kukaMfowethu Branham—Umhl.]

Nkosi Jesu, [Nkosi Jesu,] mina manje [mina manje] ngizahlukanisela Wena, [ngizahlukanisela Wena,] impilo yenkonzo, [impilo yenkonzo,] ngokumsulwa kakhulu, [ngokumsulwa kakhulu,] ukukholwa okunye futhi, ngiyakhala, [ukukholwa okunye futhi, ngiyakhala,] ukuthi mina [ukuthi mina] ngibe yinceku emukeleka kakhulu [ngibe yinceku emukeleka kakhulu] ekuphileni kwami okuzayo, [ekuphileni kwami okuzayo,] kunoma benginjalo [kunoma benginjalo] ekuphileni okwedlule. [ekuphileni okwedlule.] Thethelela ukungakholwa kwami, [Thethelela ukungakholwa kwami,] futhi ubuyisele kithi [futhi ubuyisele kithi] iNkolo [iNkolo] eyanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. [eyanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.] Ngizinikela kuWe, [Ngizinikela kuWe,] eGameni likaJesu Kristu. [eGameni likaJesu Kristu.]

317 Manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

> Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
> kwempilo,
> Nosizi lwanda macala onke kimi,
> Yiba Wena nguMholi wami;
> Yala ubumnyama buphenduke imini,
> Hlanza konke ukwesaba kwami,
> Ungangivumeli nanini ngiduke
> Ngisuke eceleni kwaKho.

318 Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje. Nizwa sengathi uMlayezo wasekuseni unenzele okuhle na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Unipha isibindi na? ["Amen."] Uma nizwa, phakamiselani izandla zenu nje kuNkulunkulu, nithi, "Nkulunkulu, ngiyaKubonga." ["Nkulunkulu, ngiyaKubonga."] Ngiphakamise izanda zami zombili, ngoba nje ngizwa kanjalo ukuthi u—ungisizile. Ungipha isibindi.

319 Ezinye izinto engizishilo, bengingacabangi ukuthi bengizokusho, kodwa sekuvele kushiwo. Bekungukusolwa kimi. Ngizithole ngingekho endleleni ebengicabanga ukuthi ngikuyo, kodwa ngizithole nginecala lokukhala kakhulu ngaso sonke isikhathi, esikhundleni sokukhuluma.

320 Nkulunkulu, ngisize, kusukela ngelelihora kuqhubeke, ukuthi ngizoba yinceku ezahlukanisele kakhulu.

321 Akusimina kuphela engizikhulekelayo. Ngikhulekela nina, futhi, ukuthi, kanyekanye, njengoMzimba kaKristu, obizelwe ngaphandle uvela ezweni, ulungiselela iZwe elithenjisiwe, ukuthi uNkulunkulu uzongipha isibindi ukuba ngikhulume indlela, ngenze indlela icace ukuthi anizukulahlekelwa umzila. Ngizotshela, nina ngomusa kaNkulunkulu, ngizolandela amanyathelo aneGazi laKhe Owaqhubeka phambi kwethu.

Nalesisiphambano esahlukaniselwe ngiyosithwala,
Ngiyoze ngikhululwe ukufa,
Bese-ke ngiya eKhaya, ukuyothwala umqhele,
Kunomqhele wami.

322 Sinika lokhu kuWe, Baba, ukuzahlukanisela kwethu, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

323 [Umfowethu uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

324 Sibonga iNkosi ngalokhu. Hamba impilo ehlukaniselwe. Zinikele uwele, ebumnandini, ukuzehlisa. Hamba eMoyeni. Hamba, ukhulume, ugqoke, niziphathise okwamaKristu, nizithobe futhi nibe mnandi. Ningakuvumeli lokhu kwehluleke manje. IPhimbo likaNkulunkulu likhuluma ngeZwi, likhuluma ngeziphiwo. Lapho isiphiwo esisodwa sifika, esinye siyasizwakalisa, kufika esinye isiphiwo futhi sizwakalisa into efanayo. Niyabo, lokho kukahle impela neZwi futhi kukahle nehora. UNkulunkulu unathi. SiMbonga kanjani ngakho! Manje uma okwethu . . .

325 Namakhanda ethu ekhotheme, uma udadewethu ezosinika indlela yelithi:

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Futhi uma izilingo zikuzungeza,
Vele nje uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

326 Nje, kwenzeni nje lokho, khulumani iZwi futhi nikhulume iGama laKhe. Asicule manje njengoba si—njengoba sikhishwa.

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu . . . nowosizi;
Liyokunika injabulo nenduduzo,
O, lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu . . .

327 Manje asixhawulane, futhi sithi, “Ngizokukhulekela, mfowethu, futhi wena ukhulekele mina.”

. . . Zulu;
Gama eliligugu, Gama eligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba . . .

328 Manje namakhanda ethu ekhotheme, asicule lelivesi elilandelayo.

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Phefumula leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, Gama eliligugu; O limnandi
kangaka! O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

329 Namakhanda ethu ekhotheme manje, nezinhliziyo zethu nalo, nokuqonda ukuthi uJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade futhi akayikukhuphukela ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Sazi ukuthi thina, ngomusa kaNkulunkulu, sinakho lokho phakathi kwesifuba sethu; nokuzahlukanisela kuYe kulokhu ukusa, ukuthi izimpilo zethu zizoguquka, kusukela kulolusuku kuqhubeke, ukuthi sizoba ngabavumayo kakhulu ekucabangeni kwethu. Sizozama ukuphila ngobukhulu ubumnandi nokuzehlisa, ukuthi, sikholwa ukuthi esikucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokupha lowo nalowo. Futhi asizukukhuluma okubi ngomunye, noma ngamuntu. Sizokhulekela izitha zethu futhi sizithande, senze okuhle kulabo abenza okubi kithi. UNkulunkulu ungumaHluleli wokuthi ubani oqinisile nonephutha. Ne . . .

330 Phezu kwezisekelo zalokhu, namakhanda ethu ekhotheme, ngizocela umngani wethu olungileyo, uMfowethu Lee Vayle, uma ezokhulula izethameli ngezwi lomkhuleko. Mfowethu Vayle.

